# Okuqukethwe


## Umhleli

*Ukumazi uNkulunkulu*…………………………………………………………………….*4*

## 1. Ukukhuluma noNkulunkulu

*Ekhaya, emndenini, naphambi kwabantu, yeka ilungelo esinalo*…………..6

## 2. Ulwazi Olubulalayo

*Kusukela ezinsukwini zase-Edeni, bekulokhu kukhona njalo "isihlahla" esivivinyayo okufanele sigwenywe*…………………………………………………………………….12

## 3. UNkulunkulu Uyakwazi-na?

*Owazikonke Lowo owazi imicabango yethu nesisusa sethu*……………….…19

## 4. Imbangela Yangempela Yezinkinga

*Manje isikhathi sokufinyelela endaweni ephakeme ukuze sizithole isibusiso sikaNkulunkulu*…………………………………………………………………..………..26

## 5. Ukuhlangana NoMsindisi

*UJesu uyisidingo sethu esikhulu, ithemba lethu elikhulu, noMsindisi wethu yedwa* ……………………………………………………………………………………………………32

## 6. Ukumazi uNkulunkulu Lapha Namanje

*Ukuhamba noJesu akulona ikusasa kuphela-yinjabulo esingaba nayo siselapha kulomhlaba*…………………………………………….……….…………………………….38

## 7. Ukumazi uNkulunkulu Ingunaphakade

*Ukuze sihlale ingunaphakade, Lowo Ophakade kufanele ahlale ezinhliziyweni zethu*…………………………………………………………………………………….……..45

## Inkondlo

*Asikwazanga*……………………………………………………………………………….51

# UKUMAZI YENA UKUMTHANDA UQOBO

Yeka uMsindisi omangalisayo uJesu iNkosi yethu! Ngokumazi ngokwengeziwe, yilapho sizomthanda kakhulu. Ukuhlanganyela namanye amakholwa ngokholo oluyigugu olufanayo bese-kuza njengomphumela wemvelo-futhi Iviki loMkhuleko lisinikeza ithuba eliphelele lokuzinothisa ngamava ethu maqondana nalokhu. Ingabe iNkosi ayizange ibeyinhle kithi kulonyaka odlulayo-na? Ngeke sakuphika lokho. Ngaphandle komusa Wakhe, besingeke sibe lapha ukuhlanganyela ekufundeni okukhethekile manje.

“Kumkhuleko Wakhe eqondise kuBaba, uKristu wanikela emhlabeni isifundo okufanele silotshwe engqondweni nasemphefumulweni. ‘Loku ukuphila okuphakade,’ uthi, ‘ukuba bazi wena-Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, nomthumileyo, uJesu Kristu.’ Johane 17:3. Lena imfundiso yeqiniso. Inikeza amandla. Ulwazi olunamandla lwamava ngoNkulunkulu noJesu Kristu amthumileyo, aguqula umuntu abe ngumfanekiso kaNkulunkulu. Inikeza umuntu ubukhosi obungobakhe, iletha konke ukuhluthuka kwenhliziyo nolaka lwemvelo ngaphansi kolawulo lwamandla aphakeme engqondo. Kwenza lowo onawo abe yindodana kaNkulunkulu kanye nendlalifa yezulu. Imuletha ekukhulumisaneni nengqondo noNgapheliyo, futhi imvulele ingcebo enothile yezulu nomhlaba.” 1

Njengoba siqhubeka ukufunda ngalesihloko “Ukumazi uNkulunkulu,” nokuba nesifiso esishisekelayo ngempela sokumazi Yena kangcono, singabusiseka kakhulu ngaphezu kwesilinganiso. Masibeke izingqondo zethu kulomgomo, sabelane nabanye izifundo labo abangabodwa noma abakude, futhi sikhumbule izinsuku ezilandelayo:

**Umkhuleko kanye nokuzila ukudla:** ISabatha, Zibandlela 9

**Umnikelo wamasimu:** NgeSonto, Zibandlela 10

Kwangathi umuntu ngamunye kanye nanjengebandla singazithela ngempela ngoMoya Ongcwele ngolwazi olujulile kakhulu ngoNkulunkulu noKristu kuleViki Lomkhuleko!

# Uhla Lomhleli

# UKUMAZI UNKULUNKULU

**UKUMAZI UNKULUNKULU**

“Ukukhetha ukuthi ukhuluma nobani noma wakha ubungane nobani kwenza umehluko omkhulu ekuphileni komuntu. Inkundla yezokuxhumana iguqule isimo sengqondo yabaningi, njengoba kuyindlela yokuxhumana esheshayo futhi evamile. Ngenye indlela, kungakhathaliseki ukuthi ngocingo lwenkundla yezokuxhumana, ngephone, umbhalo, incwadi, noma ubuso nobuso, ukukhulumisana nomngane omuhle, weqiniso onikeza iseluleko sangempela ekuphileni. Ngakolunye uhlangothi, umngane wamanga noma umuntu ojwayelene naye onobuthi ongaletha ukudumala noma ukucindezeleka kwenhliziyo. Okuningi, okuqinile, kanye nokuvamile ekusebenziseni konke ukuxhumana okwenza umahluko.

Singaba nokukhetha okuningi kulendaba kunalokho esingaqonda. Ezinye izinto ekuphileni zingaphezu kwamandla ethu, kodwa ezinye izinto singazinquma ngezinga elithile. Umpostoli uPawule uyasixwayisa: “Ningakhohliswa, ukujwayelana nababi konakalisa ukuziphatha okuhle” (1 Korinte 15:33).

“Akukho lutho olungavimbela ngempumelelo noma luxoshe ngamandla umfutho nezifiso ezinhle njengokuzihlanganisa nomuntu oyize, onganaki, ongakhathali, onengqondo eyonakalisiwe….Njengoba uqhubeka ukuhlanganyela bakwezinye izinto, umfutho wabo uyakhula futhi kufanele wesatshwe njengobungane, ngoba ulahlela ngaphandle ukuphila okungafaneleki kwezenkolo okuthathekisayo ezindaweni eziningi eziyingozi.” 1

**UMAHLUKO OMANGALISAYO**

Nokho, kuyini okwenzekayo uma sikhulumisana Naye-futhi sifunda ukumazi kangcono-Lowo ohlanzekile, ongcwele, nophelele-na? Isibusiso esingaka esingenakulinganiswa! Ukukhulumisana noMdali wethu, ukuphila kwethu kwesimoya kuyahlanganiswa futhi kubanamandla, umkhombandlela wethu wokuziphatha ulungisiwe, izinhliziyo zethu zihlanjiwe.

“INkosi isibizile ukuba siphume ezweni sikhetheke, abantu abangcwele Kuye, ‘Ngikuthandile ngothando oluphakade, ngalokho ngikudonsile ngomusa,’ [Jeremiya 31:3.] Ingabe ngempela udonsekele eduze noNkulunkulu-na? Uma kunjalo, yiba nethemba lokuthi Naye udonsekela kuwe.” 2

Uma sigcina iNkosi njalo phambi kwamehlo ethu, sivumela izinhliziyo zethu zilethe ukubonga nokudumisa Kuye, sizoba nobusha obuqhubekayo ekuphileni kwethu kwezenkolo. Umkhuleko wethu uzoba nesimo sokuxoxisana noNkulunkulu kungathi sikhulume nomngane.

Uzokhuluma izimfihlakalo kithi. Kaningi kuzoza kithi umuzwa wentokozo yobukhona bukaJesu. Njalo izinhliziyo zethu zizovutha phakathi kwethu njengoba eSondela ukuxoxisana nathi njengoba akwenza kuEnoki. Uma lokhu kuyiqiniso, amava omKrestu azobonakala ekuphileni kwawo okulula, okuzithobile, okumnene, nokuthobeka kwenhliziyo, ukubonisa wonke umuntu ukuthi ujwayelene nobani nokuthi kade unoJesu wafunda Kuye." 3

Yilokhu izwe elikulambele nelikomele ukukubona. Uma siswela ubuhlobo noKristu-lokuxhumana komuntu Naye-imizamo yethu yokuvangela ngegama Lakhe ayisoze yathela izithelo.

Ukuthululwa koMoya ezinsukwini zabapostoli 'bekuyimvula yokuqala' futhi umphumela wabamuhle kakhulu. Kodwa imvula yamuva izobankulu kakhulu." 4

Makuthi amava alabo ababephila esikhathini semvula yokuqala angaphindeka namuhla-ngempela, ngokwengeziwe kakhulu; "Kwathi bebona isibindi sikaPetru noJohane, beqonda ukuthi bangabantu abangafundile, bayimifunda nje, **bamangala; babazi ukuthi kade benoJesu"** (Izenzo 4:13 ngokuphindwa okwengeziwe).

"Lapho abantu bakaNkulunkulu bethobisa imiphefumulo phambi Kwakhe, ngamunye efuna uMoya Wakhe Ongcwele ngenhliziyo yonke, kuzozwakala ezindebeni zabantu ubufakazi obunjalo njengoba bubhaliwe ezibhalweni, 'Emva kwalokho ngabona enye ingelosi yehla ezulwini, inamandla amakhulu; nomhlaba wakhanyiswa ngokukazimula kwayo.' Kuzobakhona ubuso obuzokhazimula ngothando lukaNkulunkulu; kuzobakhona izindebe ezizothintwa ngomlilo ongcwele, bethi, 'Igazi likaJesu Kristu iNdodana Yakhe elasihlambulula ezonweni zonke.' "5

## Okuphathelene


1. *Testimonies to the Church,* vol. 3, p. 126.
2. *Letters and Manuscripts,* vol. 6, Letter 31, 1889.
3. *Christ's Object Lessons,* pp. 129, 130.
4. *Testimonies for the Church,* vol. 8, p. 21.
5. *The Ellen G. White 1888 Materials,* p. 1008.

## NGOLWESIHLANU, ZIBANDLELA 1, 2023

# UKUKHULUMA NO-NKULUNKULU

### OKUKHISHWE EZINCWADINI ZIKA E. G. WHITE

"Inhlansi yokuphila kukaNkulunkulu uqobo iphefumelelwe emzimbeni womuntu, okwenza umuntu abe umphefumulo ophilayo, oqukethe iziphiwo zokulunga, kanye nentando yokuqondisa inkambo yakhe yokwenza. Unelungelo lokuba ngumhlanganyeli wemvelo engcwele. Lokhu kuzomnika amandla okunqoba okubi, futhi athande nokukhetha lokhu okuhle. Unonembeza, lowo, ongaphansi kokulawulwa nguNkulunkulu, uzovuma okulungile alahle okubi. Futhi, angenza uma ethanda, abe nobudlelwano noNkulunkulu. Angahamba futhi akhulume noNkulunkulu njengoba enza uEnoki. Lobungane obungcwele ngokwabantu bonke abazokholwa kuKristu njengoMsindisi wabo.1

## UBUHLOBO OBUVULEKILE

UEnoki wahamba noNkulunkulu, futhi lapho ehlaselwa ngumlingi, wayekhulumisana noNkulunkulu ngalokho. Wayengakwazi ukuthi "Kulotshiwe," njengoba thina sinakho, kodwa wayenolwazi ngoMhlobo wakhe osezulwini. Wenza uNkulunkulu abe ngumeluleki wakhe, futhi wayeboshelwe kanye noJesu. UEnoki wayehlonishwa emsebenzini wakhe. Waguqulelwa ezulwini ngaphandle kokubona ukufa. Nalabo futhi abazoguqulelwa ekupheleni kwesikhathi yilabo abaxoxisana noNkulunkulu beselapha emhlabeni. 2

Ngenxa yemvelo nesambulo, ngokuhlinzekela kwakhe, nangomfutho woMoya Wakhe, uNkulunkulu ukhuluma nathi. Kodwa lokhu akwanele; sidinga ukuthululela izinhliziyo zethu Kuye. Ukuze sibe nokuphila kwesimoya namandla, kufanele sibe nobuhlobo noBaba wethu osezulwini. Izingqondo zethu zingadonselwa Kuye; singazindla ngemisebenzi Yakhe, umusa Wakhe, izibusiso Zakhe; kodwa lokhu akukhona, ngomqondo ophelele, ukukhulumisana noNkulunkulu, kufanele kubekhona esingakusho maqondana nokuphila kwethu ngempela.

Umkhuleko yiwona ovulela inhliziyo kuNkulunkulu kungathi ngumngane. Kungasho ukuthi kubalulekile ukuba sizazise kuNkulunkulu lokhu esiyikho, kodwa ukuze kusisize ukuba simamukele Yena. Umkhuleko awulethi uNkulunkulu phansi kithi, kodwa usenyusela Kuye. 3

UBaba wethu osezulwini ulindele ukuthululela phezu kwethu ukugcwala kwesibusiso Sakhe. Kuyilungelo lethu ukuphuza kakhulu emthonjeni wothando olungenamkhawulo. Kuyamangalisa ukuthi kungani sikhuleka kancane kangaka!

Kungani amadodana namadodakazi kaNkulunkulu engabaza ukukhuleka, uma umkhuleko uyisihluthulelo esandleni sokholwayo ukuvula indlu yengcebo yasezulwini, lapho kugcinwa ingcebo engenamkhawulo koNamandla Onke-na? Ngaphandle kokukhuleka ungaphezi nokulinda ngokuzimisela sisengozini yokukhula ngokunganaki nokuchezuka sisuke endlelni eqondile…..

Uma sinaka ububi ezinhliziyweni zethu, uma sinamathela noma kwesiphi isono esaziwayo, iNkosi angeke isizwe; kodwa umkhuleko walowo ozisolayo, umphefumulo odabukile uyamukeleka njalo. Uma bonke ububi bulungiswa, singakholwa ukuthi uNkulunkulu uzophendula izicelo zethu. 4

## UKUTHINTANA OKUNGAPHELI

Asikho isikhathi noma indawo engafanele ukuba singaletha isicelo kuNkulunkulu. Akukho lutho olungasivimbela ukuba senyusele izinhliziyo zethu ngomoya womkhuleko oshisekelayo. Phakathi kwezitaladi ezigcwele abantu, phakathi komhlangano wezamabhizinisi, singathululela izicelo zethu kuNkulunkulu sicele ukuholwa okungcwele, njengoNehemiya akwenza lapho enza isicelo phambi kweNkosi uAritahishashita. Ukukhulumisana okuseduze kungatholakala noma kukuphi lapho sikhona. 5
Gcina izimfuno zakho, injabulo yakho, usizi lwakho, ukunaka kwakho, nokwesaba phambi kukaNkulunkulu. UngeMthwalisi ubunzima; ungeke uMkhathaze, Yena obala izinwele zekhanda lakho angezinake yini izimfuno zabantwana Bakhe. “INkosi inesihe esikhulu nesihawu.” Jakobe 5:11. Inhliziyo Yakhe enothando ithintwa ubuhlungu bethu ngisho nalapho sikhuluma ngabo. Tshela Yena zonke izinto ezidida ingqondo. Akukho okukhulu Kuye ukuba angakuthwala, ngoba uBambe imihlaba, uLawula phezu kwazozonke izindaba zezulu nomhlaba. Akukho noma ngayiphi indlela okuphathelene nokuthula kwethu okuncane Kuye ukuba angakunaki. Asikho isahluko samava ethu esimnyama kakhulu Kuye ukusifunda; akukho ukudideka okunzima ngempela Kuye angekuxazulule. 6

## CELA, FUNA, NGQONGQOTHA

“Cela.” Ukucela, kwenza kubesobala ukuthi uyasibona isidingo sakho; futhi uma ucela ngokukholwa uzokwamukeliswa. INkosi ithembisile ezwini Layo, futhi ayisoze yahluleka. Uma usondela ngokudabuka ngempela akufanele uzizwe sengathi uyangabaza ukucela lokhu uNkulunkulu akuthembisile. Uma ucela izibusiso ozidingayo, ukuze uphelelise isimilo sifane nesikaKristu, iNkosi iyakuthembisile ukuthi ucela ngokuya ngesithembiso esifakazelwe. Ukuthi unomuzwa futhi uyazi ukuthi uyisoni esisendaweni efanele yokucela umusa Wakhe nozwelo. Isimo ongeza ngaso kuNkulunkulu akusho ukuthi uzobangcwele, kodwa ukuthi uyamdinga ukuba akuhlanze ekungcoleni konke. Ukuphikisana esingakuncenga manje naphakade okuyisidingo sethu esikhulu, yisimo sethu esingenasizo, esiMenza athathe amandla Akhe okuhlenga abe yisidingo.
“Funa,” Ungafisi isibusiso Sakhe kuphela, kodwa Yena ngoKwakhe. Mawujwayelane Naye, ube nokuthula.” Jobe 22:21. Funa, uzakufumana. UNkulunkulu uyakufuna, futhi sona kanye isifiso osizwayo sokuza Kuye kungenxa yokudonsa koMoya Wakhe. Vumela ukudonswa. UKristu uncenga abalingwayo, abaphambukayo, nabangenalukholo. Ufuna ukubaphakamisa babe nobudlelwane Naye. “Uma umfuna, uyakufunyanwa Nguye.” 1 Izikronike 28:9.
“Ngqongqotha, Siza kuNkulunkulu ngesimemo esikhethekile, futhi uLindele ukusamukela egunjini Lakhe lokuhlangana….Labo abafisa isibusiso sikaNkulunkulu bayangqongqotha futhi balinde emnyango womusa ngesithembiso esiqinile, bathi, ngenxa Yakho, Nkulunkulu ushilo ukuthi, “Noma ngubani ocelayo uzakuphiwa; nofunayo uzakufumana; nalowo ongqongqothayo uzakuvulelwa.” 7
Umfowethu Omkhulu wesizwe sakithi usesihlalweni sobukhosi esiphakade. Ubheka yonke imiphefumulo ephendulela ubuso Kuye njengoMsindisi. Uyazi ngamava obuthakathaka bomuntu, ukuthi kuyini esikudingayo, nalapho elele khona amandla ezilingo zethu; ngoba Naye walingwa kukho konke njengathi, kodwa engenasono. Ukubhekile, wena mntwana kaNkulunkulu othuthumelayo. Uyalingeka-na? Uzakukhulula. Ubuthakathaka-na? Uzokuqinisa. Awunalo ulwazi-na? Uzokukhanyisela. Ingabe ulimele-na? Uzokwelapha….Kungakhathaliseki ukuthi yini ekukhathazayo nezilingo zakho, nikela indaba

yakho phambi kweNkosi. Umoya wakho uzosingathwa ukuze ubenamandla okubekezela. Indlela izovuleka ukuba uzikhulule ehlazweni nasebunzimeni. Lapho uzazi ukuthi ubuthakathaka futhi awunakho ukuzisiza, uzoqina emandleni Akhe. Njengoba imithwalo yakho ingesindayo, uzobusiseka kakhulu uma uyiphosa kuMthwali Womthwalo. 8

## UKUHLONIPHA OKUKHULU

Ukuzithoba nenhlonipho kwakha isimilo sokuziphatha kwabobonke abeza ebukhoneni bukaNkulunkulu. Ngegama likaJesu singeza phambi Kwakhe ngesibindi, kodwa akufanele sisondele Kuye ngesibindi sokugabadela, kungathi usezingeni lethu. Kukhona abakhuluma nomkhulu onamandla noNkulunkulu ongcwele. Ohlala ekukhanyeni okungenakusondelwa, kungathi bakhuluma nolingana nabo, noma ongaphansi. 9
Kukhona ukukhula kokweswela inhlonipho kuMdali wethu, ukukhula kokunganaki ubukhulu Bakhe Kanye nobukhosi Bakhe. Kodwa uNkulunkulu ukhuluma nathi ezinsukwini zokugcina….
Lapho izwi elincane eliphumelelayo njengesiphepho nesivunguvungu lishukumisa amadwala asuke endaweni yawo, lizwakala, bonke mabamboze ubuso babo, ngoba uNkulunkulu useduze kakhulu. Mabazifihle kuJesu Kristu; ngoba nguYena oyisiphephelo sabo. Umfantu wedwala ofihlwe isandla Sakhe esibhotshoziwe kuyilapho ofunayo ngokuzithoba elindele ukuzwa lokho akushoyo uJehova encekwini Yakhe. 10

## ILUNGELO ELIKHULU

Kuyinto emangalisayo ukuthi singakhuleka ngempumelelo, izidalwa ezingafanele, eziphambukayo zinamandla okunikela izicelo zabo kuNkulunkulu. Yimaphi amandla aphakeme angenza isifiso esinje-ukuhlanganiswa noNkulunkulu ongapheliyo-na? Umuntu obuthakathaka, unelungelo lokukhuluma noMdali wakhe. Singakhuluma amazwi afinyelele esihlalweni sobukhosi seNkosi yezulu nomhlaba. Singakhuluma noJesu lapho sihamba endleleni, futhi Uthi, ngisesandleni sakho sokunene.
Singaxoxisana noNkulunkulu enhliziyweni yethu; singahamba ndawonye noKristu. Lapho sisemsebenzini nsuku zonke, singathululela izifiso zenhliziyo yethu, zingezwakali endlebeni yanoba yimuphi umuntu; kodwa yazi ukuthi izwi alisoze lingezwakali, noma liduke. Akukho okungacwilisa isifiso somphefumulo. Siyaphakama ngaphezu komsindo wesitiladi, ngaphezu komsindo wemishini. Ngukulunkulu esikhuluma naye, nomkhuleko wethu uyawuzwa.
Cela, cela futhi; uzakufumana. Cela ukuzithoba, ukuhlakanipha, isibindi, nokukhulisa ukholo. Kuwo wonke umkhuleko okhuthazelayo impendulo izolandela. Kodwa angeke ize ngendlela oyilindele; kodwa izoza ngendlela nangesikhathi ezohlangabezana kangcono nesidingo sakho. Umkhuleko owuletha uwedwa, udiniwe, usesilingweni, uNkulunkulu uyaphendula, kodwa kaningi akuyi ngendlela oyilindele, kodwa kaningi ngobuhle bakho. 11
Indlela eya esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu ihlala ivuliwe. Awukwazi njalo ukuba semadolweni ngomkhuleko, kodwa izicelo zkho ezithulile zingenyukela njalo kuNkulunkulu ngamandla nokuholwa. Uma ulingwa, njengoba kwenzeka, ungabalekela endaweni esithekile yoPhezu Konke. Izandla Zakhe ezingunaphakade zizoba ngaphansi kwakho….
Khuleka ngenhliziyo ethobekile. Mfune uJehova njalo ngomkhuleko. Endaweni esithekile, uwedwa, amehlo abona uJesu, nendlebe ivulekele uJesu. Uphuma endaweni esithekile yokukhuleka uhlale ngaphansi komthunzi kaSomandla. Izilingo ziyafika, kodwa usondela eduze kakhulu kuJesu ubeke isandla sakho esandleni Sakhe. Kanjalo uzuza amava acebile, uhlala othandweni Lwakhe, ujabula emseni Wakhe. Ukukhathazeka nokudideka nokunaka

akusekho, futhi ujabula kuJesu Kristu. Umphefumulo uyashesha ukuzwa izwi likaBaba, futhi uzoxoxisana noNkulunkulu. Konke ukusola kuyachithwa, konke ukwahlulela abanye kulahlwe ngaphandle komphefumulo. 12

## UMKHULEKO PHAMBI KWABANTU

Bonke kufanele bezwe kungumsebenzi womKrestu ukukhuleka umkhuleko omfushane. Tshela uJehova okudingayo, ngaphandle kokujikeleza emhlabeni wonke. Kumkhuleko wangasese wonke unelungelo lokukhuleka ngendlela afisa ngayo futhi akhuleke ngokukhanyayo ngokuthanda kwabo. Bangakhulekela zonke izihlobo zabo nabangane. Indawo esithekile yilapho ungakhuluma bonke ubunzima babo bangasese, nezilingo, nezivivinyo. Indawo yokuhlangana evamile yokukhonza uNkulunkulu akuyona indawo yezimfihlo zenhliziyo. Uyini umqondo-wezinto zenkolo.
Kukhona abanye, ngiyesaba, abangalethi izinkathazo zabo kuNkulunkulu ngomkhuleko wangasese, kodwa bayigcinele umkhuleko wabantu bonke, futhi balethe umkhuleko wabo izinsuku ezimbalwa. Abanjalo bangabizwa ngokuthi ngomhlangano futhi nababulali bemihlangano yokukhuleka. Ababonisi ukukhanya, abasizi noyedwa. Ukubanda kwabo, imikhuleko eqandayo nemide, ngubufakazi obubuyela emuva obuletha ithunzi. Bonke bayajabula uma bedlula, futhi cishe akunakwenzeka ukulahla amakhaza nobumnyama imikhuleko yabo nokuncenga kulethwa emhlanganweni. Ngokukhanya engithe ngakwamukela, imihlangano yethu kufanele isimoya futhi uhlanganise abantu, futhi ungathathi isikhathi eside. Ukuzibamba, ukuzigabisa, ubuze, nokwesaba komuntu makusale ekhaya. Ukungezwani okuncane nobandlululo akufanele sihambe nakho kulemihlangano. Njengomkhaya owodwa, olula, umnene, isibindi, futhi uthando kufanele lubekhona ezinhliziyweni zabazalwane nodade abahlangene ukuba baqabule umzimba nokuvuselela amandla ngokuletha izibane zabo ndawonye. 13

## UMKHULEKO WANGASESE

Umkhuleko wasekhaya nowabantu bonke uwodwa awanele. Umkhuleko wangasese ubaluleke kakhulu; uwedwa umphefumulo ubekwa sobala phambi kweso elihlolayo likaNkulunkulu, nakokonke okuqondiwe kuyahlolisiswa. Umkhuleko wangasese! Uyigugu kanjani! Umphefumulo ukhulumisana noNkulunkulu! Umkhuleko wangasese kufanele ulalelwe nguNkulunkulu kuphela. Makungabikho izindlebe ezifisa ukwazi okufihlakele zamukele umthwalo wesicelo esilethwayo. Kumkhuleko wangasese umphefumulo ukhululekile kwimifutho esizungezile, ukhululekile ekuyaluzeni. Ngesizotha, nokho ngokushisekela, zofinyelela kuNkulunkulu. Umkhuleko wangasese kaningi uyaphendukezelwa, nokuhlela okumnandi kuyalahleka, ngomkhuleko wephimbo eliphakeme. Esikhundleni sokuzotha, ukwethemba ngokuthula nokukholwa, umphefumulo udonselwa phansi, iphimbo elithobekile, izwi liyaphakanyiselwa phezulu, futhi injabulo iyakhuthazwa, futhi nomkhuleko wangasese ulahlekelwa isizotha sawo, umfutho ongcwele. Kukhona umuzwa wesivunguvungu, isivunguvungu samazwi, esenza kubenzima uhlangane, izwi elincane elithulile, izwi elincane elikhuluma nomphefumulo lapho ehlangene ngasese, iqiniso, umkhuleko ozwelayo. Umkhuleko wangasese, uma wenziwa kahle, uthela izithelo ezinhle kakhulu. Kodwa umkhuleko owenziwa phambi kwabantu emkhayeni wonke, nakomakhelwane akuwona umkhuleko wangasese, ngisho nalapho ucatshangwa kanjalo, futhi namandla angcwele awamukelwa kuwo. Ubumnandi obuhlayo buzoba umfutho

ophuma Kulowo obona ekusithekeni, ondlebe yakhe ivulekele ukuphendula umkhuleko ovela enhliziyweni. Ukuzola, ukholo olulula umphefumulo ukukhulumisana noNkulunkulu uhlanganise kuye imisebe yokukhanya engcwele ukuqinisa nokulonda ukubekezelela izimpi zikaSathane. UNkulunkulu ungumbhoshongo wethu namandla. 14
Endaweni yokukhuleka yangasese, lapho kungekho iso ngaphandle kwelikaNkulunkulu elibonayo, kungekho ndlebe kodwa eYakhe ukuzwa, yilapho singathululela khona zonke izifiso ezifihlakele nokulangazela kuBaba onozwelo olungapheli, futhi ekuthuleni nenduduzo yomphefumulo izwi elingahluleki ukuphendula ukukhala kwesidingo somuntu lizokhuluma ezinhliziyweni zethu…
Labo abafuna uNkulunkulu ekusithekeni betshele iNkosi abakudingayo bencenga ukuba ibasize, abasoze bancenga ngeze. 15

## UMKHULEKO OYISIBONELO

UBaba wethu osezulwini, siza Kuwe ngalesi sikhathi njengoba sinjalo, simpofu siswele futhi singenakho ukuzisiza-ngaphandle kokuba ubambe indaba yethu. Futhi ushilo, "Noma abambelele emandleni ami ukuba enze ukuthula, nami, enzelane ukuthula nami."
Kwangathi isicelo salenhlangano singafinyelela phambi Kwakho manje njengamandla phambi kwesihlalo Sakho sobukhosi. Siyazi ukuthi uMsindisi wethu uletha izandla Zakhe phambi Kwakho, uthi, "Ngokuba ngikubhalile entendeni yesandla Sami." Maye, Nkulunkulu, ngiyakuncenga, ngenxa kaKristu, ukuthi wamukele izicelo zethu zalabo abahambayo. Abakwazi okuphambi kwabo; kodwa banesithembiso Sakho sokuthi ukulunga Kwakho kuzohamba phambi kwabo, nokuthi inkazimulo yeNkosi izoba umvuzo wabo.
Siyakuthanda, Msindisi wethu; futhi sifisa ukubona uhlanganisa emhlambini Wakho wonke umphefumulo onakho ukuwusindisa. Gcwalisa, siyakuncenga, lenhlangano yonke ngobungcwele Bakho ngalosuku lweSabatha. Maye, kwangathi ukukhanya kwasezulwini kungakhanya phezu kwabantu Bakho abalapha. UMoya Ongcwele mawuhlale phezu kwalabo abazosishiya. Sibatshelile, Nkosi, ukuthi sizobakhulekela; manje siletha izicelo zethu ngenxa yabo, sikhulekela ukuba ubasize bahlome zonke izikhali zikaNkulunkulu. Baphathe, Nkosi, ubalungisele lolusuku lokukhonza. Maye, Nkosi yami, ngiyakuncenga ukuba uvule iminyango abazongena kuyo. Lapha kukhona abalungiselela ukuya eChina okwesikhashana. Balungisele umsebenzi, Nkosi; banike isibindi; lungisa indlela phambi kwabo. Bebefunda ukuthi bangaletha kanjani iqiniso kulabo besizwe sakubo; futhi ngiyazi ungabasiza, Baba wami?
Ngiyakuncenga, Nkosi, ukuvusa ibandla ukudlula ngaphambili. Maye, shukumisa izinhliziyo zabo, Nkosi. Abaningi babo bakwisimo esikhubazekile, ngoba benze okuncane; kodwa uma beqala ukusebenzisa ulwazi lwabo benzela Wena, siyazi ukuthi uzobapha amandla avuselelayo. Baba wami osezulwini, ngiyakucela ngenxa kaJesu waseNazaretha, ukuba ubusise inhlangano yonke. Izoni zaseSiyoni mazizwe amandla okukholwa kuNkulunkulu phezu kwabo. Mabathuthumele phambi Kwakho, hleze badembesele ukukufuna kuze kubesemva kwesikhathi. Ngiyacela, Nkosi, ukuvula izinhliziyo zabo ukwamukela uMsindisi, obelokhu engqongqotha, engqongqotha, engqongqotha ukuba angene, luze unwele lekhanda Lakhe lumathiswe amazolo asebusuku. Baba wami, Baba wami, ingabe ngenxa kaKristu, ungahamba phezu kwenhliziyo yalenhlangano!
Ngiyakucela, Jesu, ukuthi insindiso kaNkulunkulu ingembulwa, nokuthi abantu bethu labo ngeminikelo yabo bathe basiza ngobuntu ukuqhuba umsebenzi, abasoze bakhathala ekwenzeni okuhle. Siyazi ukuthi ubizo emva kobizo kubo; Baba wami, uthe wabanikeza isipho

phezu kwesipho futhi wavuma ukuba babe yisibusiso samazolo, ukukhanya, kanye nezihlambi, ukwenza amasimu abo athele izithelo.
Ngiyakucela, Baba wami osezulwini, ukuthi isibusiso esicebile singawela phezu kwalenhlangano lapho, emva kokubuyela kwabo emakhaya, bezama ngendlela ethobekile ukuhambela omakhelwane babo, ukusiza labo abagulayo, nokwenza umsebenzi wevangeli noma kuphi lapho bekhona.
Baba wami, Baba wami, ngibheka Kuwe. Uzwile isicelo nsami izikhathi eziningi. Ngiyakholwa Kuwe; ngiyathokoza Kuwe; futhi ngiyazi ukuthi izwi Lakho lizofakazelwa.
Busisa izoni ezilapha. Busisa abasha abalapha. Lapho beya ezikolweni ukuba bafunde, balungise, ukuba babe ngabavangeli bakaNkulunkulu. Bathathe njengoba benjalo. Bazungeze ezingalweni zomusa Wakho, futhi ubathande ngokukhululeka, negama Lakho elibusisekile, futhi lizoba nenkazimulo yonke lapho umkhaya woluntu bazohlanganiswa Nguwe ekhaya-lapho sizohlangana njengamalunga omkhaya wasebukhosini, abantwana beNkosi yasezulwini.
Ngiyabonga ukuthi sinoNkulunkulu olalela imikhuleko yethu; nokuthi sinoMsindisi othintwa umuzwa wobuthakathaka bethu; nokuthi sinelungelo lokusebenzela insindiso yemiphefumulo yethu. Busisa abafundisi bethu; bathele ngamandla Akho. Vumela uMoya Ongcwele uze phezu kwabo. Izulu malivuleke, nokukhanya kwenkazimulo Yakho kwembuleke, futhi makwaziwe ukuthi ukhona uNkulunkulu kwaIsrayeli olalela futhi aphendule imikhuleko.
Futhi manje sizinikela Kuwe. Siyazi ukuthi abavangeli bazogcinwa amandla Akho; ngoba uwedwa awukwazi ukuzigcina; negama Lakho elibusisiwe lizothola lonke udumo, yonke inkazimulo, manje kuze kube phakade. Ameni. 16

## *Okuphathelene*


1. *The Signs of the Times,* Ncwaba 26, 1897.
2. Ibid., Lwezi 11, 1897.
3. *Steps to Christ,* p. 93.
4. Ibid, pp. 94, 96.
5. Ibid. p. 99.
6. Ibid. 100.
7. *Thoughts from the Mount of Blessings,* pp. 130, 131.
8. *The Desire of Ages,* p. 329.
9. *Patriachs and Prophets,* p. 252.
10. *Selected Messages,* bk. 2, pp. 315, 316.
11. *Messages to Young People,* p. 250.
12. *In Heavenly Places,* p. 86.
13. *Testimonies for the Church,* vol. 2, p. 578.
14. Ibid., p. 189.
15. *Thoughts from the Mount of Blessings*, pp. 84, 85.
16. *Manuscript Releases,* vol. 4, pp. 294-296.


**"Ukubhekile, wena mntwana kaNkulunkulu othuthumelayo. Uyalingeka-na? Uzakukhulula. Uma ubuthakathaka. Uzokuqinisa. Awunalo ulwazi-na? Uzokukhanyisela. Ingabe ulimele-na? Uzokwelapha."**

## NGESABATHA, ZIBANDLELA 2, 2022

# ULWAZI OLUBULALAYO

NGU ROLLY C. DUMAGUIT

*Isekela LikaMongameli Wokuqala kwigatsha leGeneral Conference*

### INGOZI E-EDENI

Ensimini yaseEdeni, kwakukhona imithi emibili ekhethekile, ngayinye itshalwe nguNkulunkulu ngenhloso eyahlukile. Owokuqala umuthi wokuphila onamandla okwelapha-umthombo wobusha nokungafi, lapho owesibili umuthi uzobanika ulwazi lokubi nokuhle. UEva wadla isithelo somuthi wesibili ngesikhathi "ekhohliswa yinyoka, ecabanga ukuthi kwakukhona okugodliwe okuzobenza bahlakaniphe, njengoNkulunkulu. Esikhundleni sokukholwa nokuthemba uNkulunkulu, kanjalo azange athembe ubuhle Bakhe, futhi wathokozela amazwi kaSathane."1

"Lapha uyise wamanga ephikisana ngokuqondile nezwi likaNkulunkulu elikhulunyiwe. USathane waqinisekisa uEva ukuthi wayedalwa ukuba angafi, nokuthi kwakungeke kwenzeka ukuthi afe. Wamtshela ukuthi uNkulunkulu uyazi ukuthi uma yena nomyeni wakhe bedla kulomuthi wolwazi, ukuqonda kwabo kuzokhanyiselwa, kuzokwandiswa, kuphakanyiswe, kubenze balingane Naye." 2

"Emva kwesiphambeko sikaAdamu ekuqaleni wayecabanga ukuthi uzwa enyukela ekuphileni okusha nokuphakeme. Kodwa ngokushesha umcabango wokweqa umthetho wamethusa. Umoya ngaphambili owawupholile nezinga lokushisa elilingene, wawuzwakala ubanda. Ababili abanecala baba nomuzwa wesono. Bazizwa benokwesaba ngekusasa, umuzwa wokuswela, ubunqunu bomphefumulo. Uthando olumnandi, ukuthula, ukwenama, kubonakala kususiwe kubo, futhi endaweni yakho ukuswela okuthize kwabafikela ababengakaze bakubone ngaphambili. Base beqala ukunaka okwangaphandle. Babengambathanga, kodwa babembethe ukukhanya njengezingelosi zasezulwini. Ukukhanya okwakubagubezele kwemuka. Ukuze bakhulule umuzwa wokuswela, ubunqunu abakuqaphelayo, ukunaka kwabo kwakuqondiswe ekufuneni ukumboza izimo zabo, ngoba babezohlangana kanjani neso likaNkulunkulu nelezingelosi bengagqokile-na?

Icala labo manje laliphambi kwabo ngokukhanya kwangempela. Ukweqa kwabo umthetho kaNkulunkulu ocacile kugcizelela isimilo esicacile. U-Adamu wasola ubuwula bukaEva ngokushiya uhlangothi lwakhe, nokukhohliswa inyoka. Bobabili bazithopha ngokuthi uNkulunkulu, owabanika konke ukuze bajabule, angathethelela ukungalaleli kwabo, ngenxa yothando Lwakhe olukhulu kubo, nokuthi isijeziso sabo angeke sesabeke, emva kwalokho." 3

Manje ukutshekela okusha kwakhula ebuntwini babo. Ukutshekela ebubini kwakheka-umkhuba manje obugqilazayo. Base bezama isimo esisha sokuba nesono. Kanjalo uAdamu noEva besetshenziswa uSathane kwaze kwaba yilapho ukuvimbela kukaNkulunkulu kwagqashuka, futhi imfundo yabo ngaphansi komfundisi wamanga yaqala ukuze babenolwazi lokuthi uNkulunkulu wabanqabela ukwazi umphumela wesiphambeko." 4

## NGAPHAMBI KUKAZAMCOLO

Isizwe soluntu nokho sagcina amandla aso amaningi okuqala….kwakukhona imindodoshiya eminingi, amadoda amade anamandla, adume ngokuhlakanipha, anekhono lokuklama imisebenzi yobuqili nezimangaliso ezinkulu, kodwa icala lawo lokunika ukubusa okubi ebubini lalilingana nekhono labo lengqondo.

"UNkulunkulu wabapha abantu abangaphambi kukazamcolo izipho eziningi ezicebile. Kodwa basebenzisa izipho Zakhe ukuzikhukhumeza, futhi baziguqula zaba yisiqalekiso ngokugxilisa uthando lwabo phezu kwezipho esikhundleni soMuphi….Kungekho sifiso sokubuyisela kuNkulunkulu ulwazi lwabo, masinyane bafinyelela ekwenqabeni ubukhona Bakhe. Bajabulela imvelo esikhundleni sikaNkulunkulu wemvelo. Badumisa ukuhlakanipha komuntu, bakhonza imisebenzi yezandla zabo, bafundisa abantwana babo ukukhothamela izithombe ezibaziweyo…

"Abantu babeka uNkulunkulu ngaphandle kolwazi lwabo bakhonze izinto ezicatshangwa imicabango yabo; lapho bebona imiphumela, baqhubeka behlazeka kakhulu….uma ingqondo ingazange iphakanyiswe ngaphezu kwesilinganiso somuntu, uma ingaphakanyiswa ngokukholwa ukucabanga ngokuhlakanipha okungapheli nothando, umuntu uzohlala njalo ehlela njalo ezingeni eliphansi kakhulu….UNkulunkulu unikile abantu imithetho Yakhe njengebusa ukuphila, kodwa umthetho Wakhe wephulwa, futhi sonke isono esinokucatshangwa saba ngumphumela wokonakala kwabantu okwakusobala futhi bukhaliphile, ukulunga kwanyathelelwa phansi emhlabathini, nokukhala kwabacindezelwe kwafinyelela ezulwini." 5

Kamuva bahlola ulwazi olunqatshelwe lohlobo lomshado olungalungile:

"Isithembu saqala kudala, futhi siphambene nohlelo olungcwele lokuqala. INkosi yanika uAdamu umfazi oyedwa, ibonisa ukuhleleka Kwayo kulokhu. Kodwa emva koKuwa, abantu bakhetha ukulandela izifiso zabo ezimbi; futhi njengomphumela, usizi nokonakala kwanda ngokushesha. Kungakhathaliseki ukuthi ubudlelwano bomshado noma amalungelo empahla kwakungahlonishwa. Noma ngubani owayefisa amakhosikazi noma impahla yomakhelwane wakhe, wayeyithatha ngendlovula, futhi abantu bakhula kwizenzo zabo zobugebengu. Babethokozela ukubulala ukuphila kwezilwane; nokusebenzisa inyama yazo njengokudla okwabalethela unya olukhulu nokomela igazi, bafinyelela lapho bengasanaki ukuphila komuntu ngokwesabisayo futhi bengenandaba." 6

Ukuhlolwa kolwazi olunqatshelwe maqondana nobulili abuphelanga kuphela ngesithembu. "Uma kukhona isono esisodwa ngaphezu kwesinye esaletha ukubhujiswa kwesizwe ngozamcolo, kwakuyicala eliphansi lokuhlangana komuntu nesilwane okwangcolisa umfanekiso kaNkulunkulu futhi kwabangela ukudideka yonke indawo. UNkulunkulu wayehlose ukubhubhisa ngozamcolo lesizwe esinamandla, esasiphila isikhathi eside esase sonakalise izindlela zalo phambi kwakhe." 7

Umzamo wokuthola ulwazi olusha noluthuthukayo waqhubeka. Kodwa ulwazi ababelomele lwaqanjwa nguyise wamanga. Ngokushesha yonke imicabango yezinhliziyo zabo yabamibi njalo njalo, ngalokho uNkulunkulu wathi kuNowa, "Ukuphela kwenyama yonke kufikile phambi kwami, ngokuba umhlaba ugcwele ubudlangudlangu ngenxa yabantu; bheka, ngiyakubachitha kanye nomhlaba" (Genesis 6:13). Akukho owasinda emiphumeleni yokusebenzisa ulwazi ngendlela engafanele. Bonke bafa ngaphandle kukaNowa nomndeni wakhe.

## UMBHOSHONGO WASEBHABHELE

Ngemva kukuba amanzi kazamcolo esebohlile, "labo ababefisa ukukhohlwa uMdali wabo nokulahla isithiyo somthetho Wakhe bazizwa becasulwa njalo yimfundiso nesibonelo sabangane babo abesaba uNkulunkulu, futhi ngemva kwesikhathi banquma ukuzehlukanisa nabakhonza uNkulunkulu.
"Bakhetha ukwakha umuzi, umbhoshongo ukuphakama kwawo okumangalisayo kwakufanele umangalise umhlaba. Lomsebenzi wawenzelwe ukuvikela abantu ekuhlakazekeni ezizweni zonke. UNkulunkulu wayala abantu ukuba bagcwalise umhlaba futhi bawunqobe; kodwa labakhi beBhabhele bazimisela ukugcina umphakathi wabo uhlangene futhi ungumzimba munye, nokuthola ubukhosi okufanele ekugcineni bufinyelele emhlabeni wonke….
"Abakhileyo ethafeni laseShineyari abakholwanga isivumelwano sikaNkulunkulu sokuthi angeke aletha umzacolo futhi emhlabeni. Abaningi babo benqaba ubukhona bukaNkulunkulu, futhi bathi uZamcolo ubangelwa ukusebenza kwemisuka yemvelo. Abanye bakholelwa kumuntu oPhezukonke, nokuthi Nguyena owabhubhisa ababephila kumhlaba ongaphambi kukazamcolo. Ezinhliziyweni zabo, njengaleyo kaKayini, bavuka ukumhlubukela. Umgomo owodwa owawuphambi kwabo ukwakhiwa kombhoshongo [waseBhabhele] kwakufanele uvikele ukuphepha kwabo uma kubakhona omunye uzamcolo. Ngokwakha isakhiwo endaweni ephakeme kakhulu kunaleyo eyafinyelelwa amanzi kazamcolo, bacabanga ukuzibeka ngaphezu kwanoma ngeyiphi ingozi." 8
Kwasungulwa ulwazi olusha lwezakhiwo nokuklama kwesakhiwo. Ulwazi lokuhlela nokunqondisa inqwaba yabantu ukuze bakhe lombhoshongo omkhulu nawo wathuthukiswa. Ngokushesha kwethulwa isitayela esisha sombuso wobukhosi, owenza umuntu oyedwa abe yinkosi kanye nedolobha labo elikhulu lendawo yonke ukudelela uNkulunkulu.
"Masinyane kwabhekwa umsebenzi owawuqhubeka kahle kangaka. Kwathunywa izingelosi ukuba zichithe okuhloswe ngabakhi. Umbhoshongo wase ufinyelele kwindawo ephakeme kakhulu, futhi kwakunzima ukuba izisebenzi eziphezulu zixhumane ngokuqondile nalabo abaphansi; ngakho-ke, amadoda ayemiswe ezindaweni ezihlukene, ngamunye athole futhi abike kolandelayo ongezansi kwakhe ngezinto ezidingekayo zokwakha neminye imilayezo ephathelene nomsebenzi. Njengoba umlayezo wawuthunyelwa kanjalo usuka komunye uye komunye ulwimi lwasanganiswa, ngangokuthi kwakuza izinto zokusebenza ezazingadingeki, futhi imiyalo eyayilethwa ngokuvamile zazibuyiselwa emuva kulabo abamukele umlayezo othe wanikezwa. Ukudideka nokudumala kwalandela. Wonke umsebenzi wema. Kwakungase ukuzwana noma ukusebenzisana. Abakhi abakwazanga nhlobo ukulandisa ngesimo sokungezwani okuyinqaba phakathi kwabo, futhi ekuthukutheleni kwabo nasekudumaleni bahlambalaza. Umfelandawonye wabo waphelela ekuxabaneni nokuchitheka kwegazi. Imibane evela ezulwini njengobufakazi bokungathokozi kukaNkulunkulu, yadiliza inxenye engaphezulu yombhoshongo yayilahla phansi. Abantu benziwa ukuba babenomuzwa wokuthi kunoNkulunkulu obusa emazulwini." 9

## EHLANE

Lapho uNkulunkulu ekhulula abantu Bakhe baphume eGibhithe, abaseGibhithe-kuhlanganisa noFaro-bavuma ukuthi uNkulunkulu kaIsrayeli unamandla futhi unguNkulunkulu ophilayo. AmaIsrayeli akhululwa ngokumangalisayo ebugqilini ukuze bakhululeke, bajabule, futhi babe ngabantu abanempilo enhle abazokhonza uNkulunkulu kuphela. Wabanika imithetho yokubabusa kanye nezimiso eziqondisa indlela yabo yesimoya. Wabaholela ehlane iminyaka

engamashumi amane esikhundleni sokubaqondisa eKhanani amasonto amabili ukuvivinya izimilo zabo nokubazisa kabanzi ngesimilo sikaNkulunkulu.
Ekufikeni kwabo eNtabeni yaseSinayi, uJehova wanika uMose Imithetho Elishumi. Lapho elindele ukubuya kukaMose eNtabeni, amaIsrayeli aqala ukudideka futhi ethuthuthumela ukuthi kungani uMose ebambezelekile. Bazimisela ukuthi bangaqhubekeli phambili ezweni lesithembiso kodwa babuyele emuva eGibhithe futhi ekugcineni banquma ukwenza isithombe sethole legolide njengonkulunkulu wabo ozobahola. Njengoba uAroni engowesibili embusweni, abantu bamphoqa ukuthi akwenze.
UAroni esabela ukuphepha kwakhe; futhi esikhundleni sokumela udumo lukaNkulunkulu ngobuhle, wazinikela kwizimfuno zesixuku….wenza ithole elibunjiweyo, efanekisa onkulunkulu baseGibhithe. Abantu bamemeza, 'Nampa onkulunkulu bakho, Israyeli, abakukhuphula ezweni laseGibhithe.' UAroni ngokungathembeki wavumela lenhlamba eqondiswe kuJehova. Wenza okuningi. Ebona ukuthi ithole legolide lamukelwa ngokweneliseka, wakha i-altare phambi kwalo, wenza isimemezelo, Kusasa kuzakuba khona umkhosi kaJehova….Ngaphansi kokuzenzisa kokuba nomkhosi 'umkhosi kaJehova,' bazinikela ekuminzeni nasekuzitikeni okuyichilo." 10
Esikhundleni sokuqondisa ukholo lwabo olwazini nasekuthembekeni kuNkulunkulu weqiniso kulesikhathi sokulinda, baphendukela ekwamukeleni ulwazi lonkulunkulu bamanga. Benza idili elagcina lingena olwazini olunqatshelwe lokuminza, ubufebe, nokuzitika. Uthando lokuzijabulisa olusithwe, "isimo sokwesaba uNkulunkulu"! Inkolo evumela abantu, kuyilapho begcina imikhuba yokukhonza, ukuba bazinikele ezenzweni zobugovu noma ezokwenelisa inkanuko, eyayijabulisa izixuku ezinsukwini zikaIsrayeli. Futhi kwakukhona uAroni othambile, okwathi, noma ephethe izikhundla zamandla ebandleni, wavumela isifiso sabanga-ngcweliswanga, kanjalo ebakhuthaza ukuba benze isono.
Ekuphakameni komkhosi wabo ongalawuleki, onesiphithiphithi, uMose wafika ekamu nezibhebhe ezimbili zamatshe futhi wabona uIsrayeli ekhulekela ithole legolide. Intukuthelo yakhe yavutha kakhulu, waphonsa phansi izibhebhe zamatshe, waziphihlisa, wabaphuzisa abantu ukuba babonakalise ubuze bukankulunkulu wamanga abamkhonzayo.
Ngokuphinda-phinda umkhuba wokwamukela ulwazi abanikwa lona ubaba wamanga luthe lwaphindeka. Ngalesikhathi abantu bameyisa uNkulunkulu onamandla-onke esikhundleni salokho bakhetha ukwamukela umbono osontekile wokuthi unkulunkulu waseGibhithe oyisimungulu, onganyakazi, ithole elibunjiwe, lingababuyisela emuva eGibhithe. Siyabona lapha ukuthi ulwazi olunjalo lwagcina ngokubhujiswa.

## EKUFIKENI KUKAMESIYA

"AmaHeberu kwakungabantu abakhethekile bakaNkulunkulu. Bekuyithemba labantu bonke lokuthi uMesiya uyeza uzobakhulula ebugqilini bamandla aseRoma. Noma kunjalo, inhloso yangempela yomsebenzi kaMesiya yenziwa yaziwa ngenkonzo yonke yetabanakeli. Wonke umnikelo womhlatshelo wawukhomba ukuza koMsindisi. IWundlu lephasika nezinkonzo ezazikhomba kuKristu. Ngokubheka lezinkonzo, labo abafisa ulwazi lweqiniso ngoNkulunkulu bangaqonda ukuthi Uze ukusindisa abantu ezonweni zabo.
Abaprofethi bembula imininingwane eminingi ngalokhu iminyaka engamakhulu edlulile, nabaholi bamaJuda bebazi ngokuzalwa okumangalisayo kukaKristu. Bazizilwe izindaba ngabelusi zokuza okukhethekile komPristi. Bambonile uJesu kumasinagoge lapho eneminyaka eyishumi nambili futhi bamangaliswa ulwazi ayenalo ngesiprofetho ngaphandle kokuya ezikolweni zaworrabi. Babona inkonzo Yakhe iphawuleka ngokwelapha okungcwele

namandla angaphezulu. Bamuzwa ezisho ukuthi uNGINGUYE omkhulu nokuhlanza ithempeli kabili ngegunya eliphakeme. Ngempela uMsindisi ufikile, kodwa behluleka ukumamukela ngoba bamukela ulwazi olwaqanjwa nguyise wamanga. Bagcina umcabango wokuthi ukuza kukaMesiya kufanele kuze ngomkhaya ocebile owohlanga lwasebukhosini futhi abe ngofundile kakhulu. Ezingqondweni zabo, uJesu wayengabonakali ehambisana nalokhu okudingekayo. Bameyisa, bamenqaba, bamzonda kwaze kwafinyelela kwizinga eliphakeme. Baze baphuthuma ngesinqumo sokuthi abulawe. "Ukumemeza kwabo kobusathane, 'Nokuthi igazi lakhe malibe phezu kwethu nabantwana bethu', lezwakala ngesikhathi sengozi emangalisayo eyeza phezu komuzi nethempeli iminyaka engamashumi amane kamuva-konke ngenxa yesiphosiso nokuzicabangela okungabekezeleki lolwazi oluphambanisa uMesiya!"

## EZINSUKWINI ZETHU

Ukufuna ulwazi olubhubhisayo sekwande kakhulu ezinsukwini zethu. INkosi ngomusa Wayo yathumela izigijimi ngezingelosi ezintathu ukumemezela ivangeli eliphakade ngaphambi kokuba kufike usuku olukhulu lweNkosi. Esinye sesimemezelo zabo esikhethekile yilesi: "Mesabeni uNkulunkulu, nimnike inkazimulo, ngokuba ihora lokwahlulela Kwakhe selifikile; nikhuleke Kuye owenza izulu nomhlaba nemithombo yamanzi" (Isambulo 14:7).

Ngemva nje kokumenyezelwa kokuqala kwesigijimi, uSathane wathumela inxusa lizame ukucekela phansi ulwazi lokuthi uNkulunkulu unguMdali wezulu nomhlaba. Ngonyaka ka1859, uCharles Darwin, usosayensi okhuluma isiNgisi, wabhala incwadi ethi, *On the Origin of Species by the means of the Natural Selection, or the Preservation of the Favoured Races in the Struggle for Life,* eyabeka isisekelo somcabango wokuthi umuntu uvela esilwaneni iqinisa ukuthi zonke izinhlobo zaguquka kunokuthi zadalwa. Ngeshwa, zonke izindawo zokufunda namuhla, kusukela emazingeni aphansi ukuya ezikhungwini eziphakeme zemfundo, zinamathela kulowo mcabango.

USathane futhi waqamba esinye isikolo somcabango owenqaba ngokuphelele ukubakhona kukaNkulunkulu: Ukungakholwa ukuthi uNkulunkulu ukhona (Atheism) kungukuntula inkolelo kunoma yimuphi unkulunkulu ngisho nabonkulunkulu abakhona. Lomcabango uthe wakhuliswa nge senshuri yeshumi nesishiyagalombili (18) phakathi kwesikhathi esibizwa ngokuthi "Age of Enlightment." Intshukumo yezepolotiki eyangenisa lomcabango ekugcineni yaletha ukungabi namthetho kweFrench Revolution. Kodwa izigidi ezingu 450-500 zabantu uma zilinganiswa zifakaza ukuthi akekho uNkulunkulu ngisho nanamuhla.

USathane wazimisela futhi ngalokhu akuqambayo, wasungula futhi iPantheism, inkolelo yokuthi ngempela, indawo yonke kanye nomkhathi empeleni ngubungwele uqobo lwayo nokuthi lokhu, njengomuntu ongaphezu kwemvelo noma inhlangano esakhula futhi edalayo, kusukela ekuqaleni kwesikhathi, nokuthi zonke izinto zakha uNkulunkulu noma uNkulunkulukazi ohlanganisa yonke into, onomhlaba ngokwawo njengokubonakaliswa kobunkulunkulu obuhlanganisa zonke izinto zezinkanyezi. Lombono wangena ohlelweni lokuqala lamaAdventist ngoDr John Harvey Kellogs, wabangela amalunga esonto angaphezu kuka4000 ukuba ashiye inkolo yabo, kuhlanganise nabafundisi abaningi nabothishela.

Esinye isikolo somcabango esasungulwa uSathane sibizwa ngokuthi Hyperianism. Sifundisa ukuthi "ungcwele". Ungunkulunkulu. Akekho unkulunkulu ongumdali ongamkhothamela. Ngaphezu kwendaba kukhona kanye isizinda esingabonakali. Umthombo weqiniso. Ungathola umbono ophukile walomhlaba ezifundeni ze-psycheldelic, izifunda ezaziwayo, ngokukhulula ivalve yokunciphisa ingqondo, ungahlola izindawo zangaphakathi zengqondo kanye nonkulunkulu ongaphakathi." 11

Ngaphandle kobuhedeni, uSathane usungule izinhlobo eziningi ezididayo zezinkolo ezama ukukhohlisa abakhethiweyo uqobo. Uyazi ukuthi ukuthi yokugcina yebandla yilona bandla kuphela uNkulunkulu analo kulomhlaba. Lamakholwa uyawanyakazisa ukuze akhe okuhlukile, amaxuku ahlukile ukudida abantu bakaNkulunkulu abathembekile. Noma kunjalo, uNkulunkulu usinikile uphawu olusobala ngebandla Lakhe esikhathini sokugcina." 12

## ISIPHELO

Ukusuka esikhathini sikAdamu kuze kube namuhla, uSathane ulokhu ephindelela ukufaka izimfundiso ezithize ebantwini ukuthi angeke bafe, nizoba ngonkulunkulu, ungunkulunkulu, imvelo nguNkulunkulu, nokuthi uSathane akekho. Kuyamazanga ukusho ukuthi abantu abaningi abayizifundiswa bayakwamukela lokhu. Kungenzeka ukuthi nawe uyawamukela lomqondo-na? Labo abakholelwa emangeni kaSathane bazothola ukukhohliseka okukhulu-futhi uma sikhetha ulwazi olusungulwe nguSathane, ekugcineni sizovuna umphumela wokubhujiswa. (Bheka kuMalaki 4:1.)

"Ukudabuka kuzobheka emuva lolosuku lapho abantu bemelana ubuso nobuso nephakade. Ukuphila konke kuzolethwa njengoba kunjalo. Injabulo yelizwe, ingcebo, nenhlonipho kuzobonakala kubalulekile. Abantu bazobona ukulunga abakudelela kukodwa kubalulekil. Bazobona ukuthi bakhile izimilo zabo ngaphansi kwenkohliso ehehayo kaSathane. Izingubo abazikhethile ziluphawu lokunamathela kwabo kumhlubuki wokuqala omkhulu. Futhi bazobona umphumelo wokhetho lwabo. Bazoba nolwazi lokuthi kusho ukuthini ukwephula umthetho kaNkulunkulu." 13

Kodwa kunalokho, iNkosi ithanda ukuba siyazi uqobo Lwayo. Umhlabeleli uthi, "Yizwani nibone ukuthi uJehova muhle" (Amahubo 34:8). Uthanda ukuba sikhonze uMdali wethu kuphela, oshoyo ukuthi, "Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwami" (Esodusi 20:3). Ngokwenzenjalo singaba nokuphila okuphakade. UJesu wachasisa lokhu, "Ukuphila okuphakade yilokhu, ukuba bazi wena Nkulunkulu wedwa, nomthumileyo uJesu Kristu" (Johane 17:3). Njengoba ulwazi lwethu Ngaye lujula kakhulu, sizothokozela uthando Lwakhe kithi sinikele Kuye inkonzo yethu ephakeme kakhulu. Ngolunye usuku uzosimema ukuba singene emasangweni omuzi asiphe isithelo somuthi wokuphila asinike nolwazi lweqiniso.

"Yonke ingcebo yomhlaba izovulekela isifundo sabahlengiweyo bakaNkulunkulu….phezu kwezinto zonke, kusukela ezintweni ezincane ukuya kwezinkulu kakhulu, igama loMdali libhaliwe, futhi bonke bayingebo yamandla Akhe abonakalisiwe.

"Neminyaka engunaphakade, njengoba ihamba, izoletha ngokunothile izambulo ezikhazimulayo zikaNkulunkulu noKristu futhi. Njengoba ulwazi luqhubekela phambili, kanjalo nothando, inhlonipho, kanye nenjabulo iyakhula. Njengoba abantu beqhubeka befunda ngoNkulunkulu, bazokhula ekubabazeni isimilo Sakhe." 14

Kwangathi iNkosi inganibusisa ngokumangalisayo kule-Viki Lomkhuleko! Ameni.

## Okuphathelene


1. *The Spirit of Prophecy,* vol. 1, p. 40.
2. *Confrontation.* p. 13.
3. *The Spirit of Prophecy,* vol. 1, p. 41.
4. *The SDA Bible Commentary* [E. G. White Commentary], vol. 1, p. 1083.
5. *Patriachs and Prophets,* pp. 90, 91.
6. Ibid. pp. 91, 92.
7. *The Spirit of Prophecy,* vol. 1, p. 69.
8. *Patriachs and Prophets,* pp. 118, 119.
9. Ibid. pp. 119, 120.
10. *Conflict and Courage,* p. 97.
11. *https://www.iamhyperian.com/youaregod/*
12. *Early Writings, p. 124.*
13. *Christ's Object Lessons,* pp. 318, 319.
14. *God's Amazing Grace,* p. 368.

## NGESONTO, ZIBANDLELA 3, 2023

# UNKULUNKULU UYAKWAZI-NA?

NGU JOAN SELVI ALWIN

*Umhleli wolwimi lwesi-tamil, eIndia*

## UNKULUNKULU WAZI KONKE:

Izwi eliphefumulelwe lisitshela ukuthi uNkulunkulu "wazi konke" "noma unolwazi lonke" "Ngoba uma inhliziyo yethu isilahla, uNkulunkulu mkhulu kunezinhliziyo zethu, futhi wazi konke" (1 Johane 3:20). Lokhu kusho ukuthi unolwazi oluphelele ngezinto zonke. Akudingeki ukuba afunde lutho futhi akudingeki acabanga izinto. UNkulunkulu wazi izinto zonke ezizokwenzeka nalezo ezenzekile. Ukuba nokwazi konke kusho ukuthi unolwazi oluphelele, ukuqonda okuphelele nokuhlakanipha okuphelele. UNkulunkulu engumthombo wakho konke okuqondakalayo kwendalo, ngokwemvelo Yakhe ungulwazi lonke. Sadalwa ngomfanekiso Wakhe, futhi ngokuqinisekile uyasazi, uNkulunkulu ubheka umuntu ngamunye wethu. "Ngokuba uyabeka imikhawulo yomhlaba, abone konke okuphansi kwezulu" (Jobe 28:24).

## UNKULUNKULU UYASAZI NGAPHAMBI KOKUBA SAZIWE:

Inkosi uDavide uthi: "Amehlo akho angibona ngiseyihlule; zonke izinsuku zami zalotshwa encwadini yakho, zanqunywa, lungakafiki nolulodwa kuzo" (Amahubo 139:16, NKJV).
UNkulunkulu wathi kuJeremiya: "Ngingakakubumbi esiswini ngakwazi; ungakaphumi esizalweni ngakungcwelisa, ngakubeka umprofethi ezizweni" (Jeremiya 1:5).
Siyafunda futhi kwiziKronike zokuqala 22:9 ukuthi izimo zempilo kaSolomoni zaziwa nguNkulunkulu.
UJehova wanika uJosiya igama lakhe iminyaka engamashumi amathathu nambili ngaphambi kokuba azalwe futhi waprofetha ngokuphila kwakhe ukuthi uzoba ngomunye wamakhosi azolalela uNkulunkulu enze okuhle emehlweni Akhe (1 Amakhosi 13:2).
UAbrahama wanikwa isithembiso nguNkulunkulu sokuthi izizwe zizovela kuye, kodwa ngaleso sikhathi wayengenabo abantwana; uSarayi umkakhe ubeyinyumba. Balinda iminyaka engamashumi amabili nanhlanu umntwana uIsaka othenjisiwe ukuba azalwe.
USara wacabanga "ukusiza" isiprofetho sikaNkulunkulu ukuba sigcwaliseke ngokunikeza isigqilakazi sakhe uHagari kuAbrahama ukumzalela umntwana. Noma lokhu kwakungelona icebo likaNkulunkulu, ngomusa Wakhe, nokho waduduza uHagari ngesiprofetho esagcwaliseka (Genesis 16:12).
Lapho uAbrahama eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye (99) ubudala, uNkulunkulu wathembisa umntwana Wakhe olinde isikhathi eside. "UNkulunkulu wathi, qha, uSara umkakho uyakukuzalela indodana; uyakubiza igama layo ngokuthi uIsaka; ngiyakusimisa isivumelwano Sami naye, sibe yisivumelwano esiphakade nenzalo yakhe emva kwakhe" (Genesis 17:19).
Ukuzalwa kukaJohane umbhapathizi ngokufanayo kwaprofethwa (Luka 1:13).

Ukuzalwa kukaKristu kwamenyezelwa ngaphambili lapho ingelosi yeNkosi ibonakala kuMariya, "Ingelosi yathi kuye, ungesabi, Mariya, ngokuba ufumene umusa kuNkulunkulu, Bheka, uzakukhulelwa, uzale indodana uyiqambe igama lokuthi uJesu. Yena uyakuba mkhulu, athiwe indodana yoPhezukonke; iNkosi uNkulunkulu iyakumnika isihlalo sobukhosi bukayise uDavide" (Luka 1:30-32). INkosi eyazi konke ngaphambi kokuba bonke bazalwe iyasazi sonke nathi.

## UNKULUNKULU WAZI IMICABANGO YETHU:

INkosi yazi konke esikwenzile ngaphambili, futhi wazi konke esike sakucabanga ngaphambili. UNkulunkulu ngokungaphikiswa wazi yonke into ngathi. Umhlabeleli uthi, "Uyakwazi ukuhlala kwami nokuvuka kwami, uqonda umcabango wami ukude" (Amahubo 139:2). Singafihla imicabango yethu kwabanye, futhi sibakhohlise ngemicabango yethu ngokuqamba amanga ngabomu. Kodwa uNkulunkulu akukho-nto esingamfihlela yona. IBhayibheli lithi, futhi akukho-nto edaliweyo engabonakali phambi Kwakhe, kepha konke kwambuliwe kusobala emehlweni akhe esiyakuzilanda kuye" (Heberu 4:13).

## UNKULUNKULU NGUNKULUNKULU WOLWAZI:

Umkhuleko kaHana, umama kaSamuweli, uthi: "Ningabe nisakhuluma ngokuzidla kangaka, kungaphumi ukuqhosha emlonyeni wenu, ngokuba uJehova unguNkulunkulu wokwazi; izenzo zilinganiswa nguye" (1 Samuweli 2:3).
INkosi uDavide uthi, Ungizungezile ngasemva nangaphambili, wabeka isandla sakho phezu kwami. Ukwazi okunjalo kuyamangalisa; kuphakeme, anginakufinyelela kukho" (Amahubo 139:5, 6).

## UNKULUNKULU WAZI IKUSASA:

UNkulunkulu wazi konke okuzokwenzeka. INkosi ithi, "Engimemezela ngaphambili okuyakuza, nasendulo izinto ezingakenziwa, ngokuthi: Icebo lami liyakuma, ngiyakwenza yonke intando yami" (Isaya 46:10). UNkulunkulu waprofetha ngekusasa likaAbrahama encwadini kaGenesis 18:18, ngoBeni-Hadadi, iNkosi yaseSiriya (2 Amakhosi 8:9), ngo-Hezekiya (2 Amakhosi 20:1), ngoSolomoni (1 Amakhosi 5:5). INkosi elaziyo ikusasa lalaba-bantu ngokufanayo iyalazi ikusasa lethu. Ngakho-ke masizithobe ekuhlakanipheni Kwayo.

## UNKULUNKULU UYAYIZWA IMITHANDAZO YETHU:

"UMose wakhala kuJehova, wathi: O Nkulunkulu, mawumphulukise, ngiyakuncenga" (Numeri 12:13). UNkulunkulu wawuzwa umkhuleko kaMose futhi uMiriyamu waphiliswa kwisilephero. Lapho inkosi uHezekiya igulela ukufa, umprofethi uIsaya naye waqinisa ukuthi uzakufa, inkosi yakhuleka kuJehova, eyaba nomusa kuye futhi yengeza iminyaka yokuphila kwakhe (2 Amakhosi 20:3-6).
Ilanga lema nenyanga yahlala (Joshuwa 10:12-14) ephendula umkhuleko kaJoshuwa. UNkulunkulu ozwa imikhuleko yalabantu abathembekile uzoyizwa nemikhuleko yethu.
Esikhathini sobunzima obusongela ukuphila, uNkulunkulu wawuzwa umkhuleko kaEsteri futhi wakhulula abantu Bakhe.

## UNKULUNKULU USAZI NGAMAGAMA:

UNkulunkulu ubiza abantu ngamagama emiBhalweni. Kukhona izibonelo lapho ekhuluma noJakobe, noMose, uJoshuwa, uSamuweli, noSawule waseTarsu ngegama (Isaya 43:1; Eksodusi 3:4; 1 Samuweli 3:10; Izenzo 9:4).

## UNKULUNKULU WAQAMBA AMAGAMA ABANTU:

Watshela ukhokho odumileyo ukuthi, "Igama lakho alisayikuthiwa uAbrama, kepha igama lakho lizakuba nguAbrahama, ngokuba ngikwenzile uyise wezizwe eziningi" (Genesis 17:5).

**USARAYI:** UAbrahama wayengeyena nje kuphela ilunga lomndeni wakhe owathola igama eliguquliwe elivela kuNkulunkulu, nonkosikazi wakhe walithola naye. "UNkulunkulu wathi kuAbrahama: USarayi umkakho awusayi kumbiza ngegama lokuthi uSarayi, kepha igama lakhe alibe nguSara" (Genesis 17:15). Wayezoba unina wezizwe futhi amakhosi azozalwa nguye.

**UJAKOBE:** UJakobe naye wathola igama-elisha livela kuJehova. Ingelosi yathi, "Igama lakho alisayi kuthiwa uJakobe, kepha uIsrayeli*, ngokuba ulwile noNkulunkulu nabantu, wanqoba" (Genesis 32:28).

## UMAHARE-SHALALI-HASHI-BAZI:

Umprofethi uIsaya wayenendodana eyethiwa igama nguNkulunkulu-igama liyinxenye yesiprofetho. Lapho inkosikazi ka kaIsaya izala indodana, "Wayesethi uJehova kimi, Biza igama layo ngokuthi uMahere-Shalali-Hashi-Bazi* (Isaya 8:3).

**UJIZREYELI:** Izibulo lomprofethi uHoseya laqanjwa nguNkulunkulu: "UJehova wathi kuye: qamba igama layo ngokuthi uJizreyeli, ngokuba kusezakuba-yisikhashana ngize ngiphindsele igazi lika Jezriyeli phezu kwendlu kaJehu, ngiqede umbuso wendlu kaIsrayeli" (Hoseya 1:4).

**ULO-RUHAMA:** Indodakazi yomprofethi uHoseya yayingomunye owathola igama elingokomfanekiso kuJehova: "Wayesethi uJehova kuye: Qamba igama layo ngokuthi uLo-Ruhama*ngokuba angisayi kuyihawukela indlu yakwaIsrayeli ukuba ngibathethelele" (Hoseya 1:6).

**ULO-AMI:** Indodana yesibili yomprofethi uHoseya yaqanjwa nguNkulunkulu: "Wayesethi uJehova kuye, Qamba igama layo ngokuthi nguLo-Ami*, ngokuba anisibo abantu bami, mina angiyikuba nguNkulunkulu wenu" (Hoseya 1:9). UNkulunkulu unenhloso ngomuntu ngamunye wethu ngokusinika igama.

## UNKULUNKULU UKHULUMA NATHI NGEZINDLELA EZININGI:

UNkulunkulu ukhona yonke indawo. UyiNkosi. IBhayibheli ligcwele ukulandisa kukaNkulunkulu ekhuluma nabantu ngabanye, emindenini nasezweni. Esikhathini esidlule ukhulume ngezindlela eziningi nokuthi kunjalo nanamuhla. UNkulunkulu ukhuluma nabantu bonke ngendalo Yakhe. "Ngokuba okungabonwayo kwakhe, kuthi amandla ache aphakade

nobuNkulunkulu Bakhe kubonakala kwasekudalweni kwezwe, ngokuba kuqondakala ngezenzo zakhe, ukuze bangabi nakuzilandulela" (Roam 1:20). "Amazulu ayalanda ngenkazimulo kaJehova, nomkhathi ushumayela umsebenzi wezandla zakhe. Usuku luyalandisa usuku inkulumo, nobusuku bushumayeza ubusuku ukwazi" (Amahubo 19:1, 2). UNkulunkulu wayekhuluma nabantu Bakhe esikhathini esidlule nezingelosi, abaprofethi, ngamaphupho, ngemibono, ngezimangaliso, ngisho nangembongolo. Imbongolo yavula umlomo wayoyakhuluma noBileyamu (Numeri 22:28).

## UNKULUNKULU UKHULUMA NATHI NGEZWI LAKHE:

UJesu uYizwi likaNkulunkulu (Johane 1:1). Lingenye yezindlela uNkulunkulu akhuluma kithi ubuqu nangamandla ngisho nanamuhla. Akufanele sibe nobudlelwane kuphela Naye ngezwi Lakhe, nihlale ningabalungele ukubaphendula bonke abanibuza isizathu sethemba elikini, ngobumnene nangokwesaba (1 Peter 3:15). Lapho uSathane elinga uJesu ehlane ephinda amazwi ayiqiniso avela ezwini likaNkulunkulu. (Mathewu 4:1-11). Kufanele sifunde iqiniso elitholakala ezwini likaNkulunkulu, kanye nenkemba enguMoya esinganqoba ngayo isitha semiphefumulo yethu. Njengoba sihloma zonke izikhali zikaNkulunkulu, sizoba namandla okumelana noSathane (Efesu 6:11). Ukuhlonipha nokulalela izwi likaNkulunkulu zingukhiye lokuzwa izwi likaNkulunkulu. (Bheka kuJohane 14:21, 23).

## UNKULUNKULU UKHULUMA NATHI NGEZWI ELINCANE:

Ngesikhathi umprofethi uEliya edangele futhi ecindezelekile, uNkulunkulu wakhuluma naye ngendlela engalindelwe. Ngezinye izikhathi uNkulunkulu ukhuluma esemoyeni, ngokuzamazama komhlaba noma umlilo kodwa kaningi ukhuluma ngezwi elincane, kanjalo kumele sihlale siqaphile. (Bheka 1 Amakhosi 19:11-13).

## UNKULUNKULU UKHULUMA NGENDODANA YAKHE UJESU:

UNkulunkulu wazembula ngoKwakhe ngokuphelele ngobuntu, isimilo, amazwi, ukuziphatha, nemisebenzi yeNdodana Yakhe. UJesu wembula uNkulunkulu ebantwini ngokuphelele bobuntu Bakhe. Wafundisa abantu ngemifanekiso, izimbali, izifundo ezinenhloso, futhi ikakhulukazi ngesibonelo Sakhe sendlela yokuphila impilo yokwesaba uNkulunkulu. (Funda kumaHeberu 1:1, 2; Marako 4:34; Mathewu 7:3-5; Johane 13:3-7.)

## UNKULUNKULU UKHULUMA NGOMOYA ONGCWELE:

Ngesikathi uJesu elapha emhlabeni, uNkulunkulu wakhuluma kubantu Ngaye, lapho uJesu ebuyela kuBaba, uMoya Ongcwele wathunyelwa ukaba usiholele kulolonke iqiniso nokuba uMduduzi ovela kuNkulunkulu (Johane 14:26). UMoya Ongcwele kaNkulunkulu uthululelwa phezu kwabo bonke abakholwayo futhi abamukela uuJesu njengoMsindisi wabo futhi uzoholele kulolonke iqiniso. Ngakho-ke masizithobe entandweni kaYise, neNdodana, noMoya Ongcwele.

## UNKULUNKULU UHLOLA ZONKE IZINHLIZIYO:

UDavide wancenga indodana yakhe, “Wena Solomoni, ndodana yami, yazi uNkulunkulu kayihlo, umkhonze ngenhliziyo epheleleyo nangenhliziyo ethokozayo, ngokuba uJehova uhlola izinhliziyo zonke, uqonda zonke izizindlo zemicabango; uma umfuna uyakufunyanwa nguye; kepha uma umshiya, uyakukulahla kuze kube-phakade” (1 Izikronike 28:9). Lesiqondiso esiya enkosini uSolomoni sembula ngokusobala kumuntu ngamunye ukuthi uNkulunkulu wazi imicabango yethu. Masiqaphele kakhulu izenzo zethu zonke nemicabango.

## UNKULUNKULU UJEHOVA UBHEKA INHLIZIYO:

UNkulunkulu watshela umprofethi uSamuweli ukuthi agcobe uDavide njengenkosi, echasisa ukuthi ukubonakala kwangaphandle akusho lutho; ngokuba Yena ubheka okusenhliziyweni. (1 Samuweli 16:7).

## AMEHLO KANKULUNKULU ABONA ZONKE IZINTO:

Umbhalo ukhuluma ngomfanekiso wamehlo kaNkulunkulu abona izinto zonke. “Ngokuba amehlo aqalaza emhlabeni wonke ukuba abenamandla kwabanhliziyo yabo iphelele kuye” (2 Izikronike 16:9). “Ngokuba amehlo ami akuzo zonke izindlela zabo; abasithele ebusweni bami, nobubi babo abufihlekile emehlweni ami” (Jeremiya 16:17). “Owenza indlebe kanakuzwa-na? Owadala iso kanakubona-na?” (Amahubo 94:9).

## UNKULUNKULU UYAZI UKUTHI ABANTU ABABI BACABANGANI:

“Ngalokho uyazi imisebenzi yabo; uyabagumbuqela ebusuku, bachotshozwe” (Jobe 34:25). INkosi uNebukadinesari yayiziqhenya ngokwakha umuzi omkhulu waseBhabhiloni ngamandla akhe. Lapho amazwi elokhu esemlonyeni, izwi elivela ezulwini lathi ngeke ube yinkosi iminyaka eyisikhombisa uzophila nezilwane zasendle udle utshani njengenkomo. (Funda Danyeli 4:17-37.) Kamuva wabonda isono sakhe waphendukela kuNkulunkulu.

## UNKULUNKULU UYAZAZI IZINTO EZENZEKA ENHLIZIYWENI YAKHO:

INkosi uNkulunkulu yakhuluma kuMose ngesihlahla esivuthayo futhi uNkulunkulu wamxusa ukuthi ahole abantu Bakhe baphume iGibhithe abakhulule ebugqilini. “Wayesethi uJehova: ngibonile nokubona ukuhlupheka kwabantu bami abaseGibhithe; ngizwile ukukhala kwabo ngenxa yabacindezeli babo, ngokuba uyazazi izinsizi zabo” (Eksodusi 3:7). UNkulunkulu ubheka umuntu wonke nezinto zonke ezenzeka emhlabeni. Masingakhathali, masibeke ithemba lethu eNkosini.

## UNKULUNKULU WAZI IZINTO ZESIKHATHI ESEDLULE:

Umpostoli uyaqinisekisa, “Iyaziwa nguNkulunkulu yonke imisebenzi Yakhe kwasekuqaleni komhlaba” (Izenzo 15:18.

## UNKULUNKULU UPHELELE EKWAHLULELENI:

NguNkulunkulu kuphela ophelele olwazini ongaba nekhono lokwahlulela abantu (2 Peter 3:7). Lapho abantu bebona ukuthi ngolunye usuku kufanele beme phambi kwalowo owazi-konke uNkulunkulu, lokhu makubenze balinganise indlela abaphila ngayo. UJesu uthi, "Ngokuba ngamazwi akho uyakuthethwa, nangamazwi akho uyakulahlwa" (Mathewu 12:37).

## UNKULUNKULU UYASIGCINA ISITHEMBISO SAKHE:

UNkulunkulu wenza lesi sithembiso kubantu Bakhe. "Niyakungifuna, ningifumane, lapho ningifunusisa ngenhliziyo yeni yonke" (Jeremiya 29:13). Uma simfuna ngenhliziyo yethu yonke, sizolizwa izwi Lakhe. UNkulunkulu wazi ngempela okusenhliziyweni yomuntu ngamunye. Uma uNkulunkulu enolwazi ngathi, kanjalo wazi konke esidlula kukho ekuphileni. Asisodwa futhi akasilibalanga. UNkulunkulu wazi ubunzima esibhekene nabo ekuphileni. Wazi izilingo zethu nesimo esikhona emindenini yethu, futhi uthembisile ukuthi akasoze asishiye noma asidele. (Duteronomi 31:6; Johane 3:16).

## UNKULUNKULU UHLALA ENABANTWANA BAKHE ABASWELE:

INkosi uDariyu ubengumbusi eBhabhilona wabeka uDaniyeli njengomongameli wokuqala. UDanyeli wakholwa kuNkulunkulu futhi walandela umyalo weNkosi. Izimbangi ezinomona zanxusa iNkosi ukubayenze umthetho othi bonke abantu bakhonze yona kuphela, uma kukhona ozokhonza omunye uNkulunkulu uzophonswa emphandwini wezingonyama. Njengoba uDaniyeli wayekhuleka kathathu ngosuku namafasitela ekamelo lakhe evulelwe uNkulunkulu, ngokuqinisekile ngokwanele, waphonswa emphandwini wezingonyama. Kodwa uJehova uNkulunkulu wayenaye, wavimba imilomo yezingonyama, azimlimazanga uDaniyeli (Daniyeli 6:21, 22).

INkosi uNebukadinesari wakha isithombe segolide esifundeni sabeBhabhilona wabiza bonke abasezikhundleni beze ekunikelweni kwesithombe. Kepha noma ngubani ongakhuleki kuso akhothamele isithombe segolide, uzophonswa esithandweni somlilo ovuthayo. Izinsizwa ezintathu zamaHeberu azikhothamelanga isithombe, zaphonswa esithandweni somlilo. UJehova uNkulunkulu wayenabo esithandweni somlilo awubashisanga; umlilo ubungena-mandla phezu kwabo (Daniyeli isahluko 3).

UNkulunkulu wayenoMose uma ehola amaIsrayeli ephuma ebugqilini baseGibhithe. Ngesimanga wanikeza abantu amanzi aphuma edwaleni nangemana evela ezulwini. UJehova uNkulunkulu wahlukanisa ulwandle abantu badlula emhlabathini owomileyo. (Eksodusi 14:16). UNkulunkulu ofanayo wasibekela isitha ekujuleni kolwandle olufanayo futhi waletha insindiso kubantu Bakhe. UnguNkulunkulu ofanayo usebenza ngenxa yethu nanamuhla. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. (Funda kuEksodusi 14).

Emva kokufa kukaMose, UNkulunkulu wavumela abantu ukuwela umfula iJordani emhlabathini owomileyo. Abapristi abathwala umphongolo wesivumelwano sikaJehova wema uqinile emhlabathini owomileyo phakathi kweJordani. (Funda uJoshuwa isahluko 3).

UNkulunkulu waba noNowa nomkhaya wakhe wabalondoloza kuzamcolo, ngoba bonke balalela uNkulunkulu. "UJehova wathi kuNowa: Ngena emkhunjini wena nendlu yakho yonke, ngokuba ngikubonile wena ukuthi uqotho phambi kwami kulesizukulwane" (Genesis 7:1). Kwaba nozamcolo izinsuku ezingamashumi amane emhlabeni futhi yonke inyama yafa konke okuphilayo kwabhujiswa, kodwa uNkulunkulu wamlondoloza uNowa nomkhaya wakhe. UJehova wayenabo.

UAbrahama wabizwa nguNkulunkulu ukuba ashiye iUri lamaKaledi. Walalela ngaphandle kombuzo umyalo kaNkulunkulu wakholwa isivumelwano sesithembiso sokuthi inzalo yakhe izoba isizwe esisha. (Bheka uGenesis isahluko 12). Njengoba uNkulunkulu enza futhi wagcina izithembiso Zakhe kuAbrahama, uNkulunkulu wenze izithembiso nakithi.
KuGenesis 39:1-6, uJosefa wathengiswa ngababfowabo ebugqilini. UJehova uNkulunkulu waba noJosefa ezweni angalazi, lapho athola khona umusa kuPotifari, wambeka abeyinduna phezu kwendlu yakhe. Ekugcineni uNkulunkulu waqondisa izimo ukuba enze uJosefa abe ngowesibili embusweni waseGibhithe, ikakhulukazi ukuphatha amalungiselelo endlala ezayo. (Funda kuGenesis 41:37-45.) UJosefa wayekwazi ukuthi uNkulunkulu unaye.
UNkulunkulu wayenaye uJona lapho esesiswini senhlanzi enkulu. UNkulunkulu wamlondoloza elapho futhi nomkhuleko wakhe osizini lwakhe. INhlanzi yamhlanzela uJona, owavuma ukuya eNineve ukukhuthaza umuzi wonke ukuba uphenduke. Noma angalalelanga ekuqaleni, naye, futhi, waphenduka ekubalekeleni umsebenzi wakhe. Kufanele silalele uNkulunkulu ezimeni zonke noma yikuphi uNkulunkulu akushoyo kithi; masingangabazi ukulalela izwi Lakhe.

## UNKULUNKULU UBIZA NGAMUNYE WETHU:

UJehova uNkulunkulu akafuni lutho kithi. Ufuna inhliziyo yethu: “Ndodana yami, ngiphe inhliziyo yakho, amehlo akho enamele izindlela zami” (Izaga 23:26). UJehova uyasicela ukuba silandele imiyalo Yakhe namazwi ezibhalo ukuze silizwe izwi likaNkulunkulu. Kufanele sichithe isikhathi Naye. Njengoba siba Naye isikhathi eside, sizolazi kangcono izwi Lakhe. “Kodwa abusisiwe amehlo enu, lokhu ebona, nezindlebe zenu, lokhu zizwa” (Mathewu 13:16). Njengoba sikhula ekukholweni kwethu, sizofunda ukuzwa izwi likaNkulunkulu. UJesu uthi, “Izimvu zami ziyalizwa izwi Lami; nami ngiyazazi, ziyangilandela” (Johane 10:27). Masicele kuNkulunkulu ukuba asembulele noma yini esivimbela ubudlelwane bethu Naye, bese siyamlalela. Ngalokho kufanele sizindle ngemibhalo. Kufanele sizenze sitholakale kuNkulunkulu ngomkhuleko nokukhonza. Masithule phambi kobukhona Bakhe. Usho uJehova, Thulani, niqonde ukuthi mina nginguNkulunkulu; ngiyakuphakama phakathi kwabezizwe, ngiphakame emhlabeni” (Amahubo 46:10). Masihlale simsulwa futhi ngeqiniso futhi siqinile, sikhumbula ukuthi izimilo zethu ziyagxivizwa ezincwadini zezulu. Amen.

**“UNkulunkulu wazi konke esake sakwenza, kodwa wazi konke futhi esike sakucabanga. UNkulunkulu wazi konke ngathi”**

## NGOLWESITHATHU, ZIBANDLELA 6, 2023

# IMBANGELA YANGEMPELA YEZINKINGA

NGU ARCADI MANGUL *Umfundisi, waseMoldova*

"Lokho ngikukhulume kini ukuba nibe nokuthula kimi. Ezweni niyakuba lusizi, kepha yimani isibindi, mina ngilinqobile izwe" (Johane 16:33).
Ungacabanga ukuphila okungenazo ukukhathazeka-na? Kakhulu, ukucabanga into enjengale kunzima kithi, njengoba sizalelwe emhlabeni wesono. Kodwa kimina, kusukela ngesikhathi ngiqala ukwazi uNkulunkulu oluthando eduze, ngiye ngathakasela ukuthola ukuthi umhlaba ongenazo izinkathazo akuyona inganekwane, kunalokho ngumsebenzi owenziwa nguNkulunkulu ngempela.

## UMSUKA WENKINGA

Uma sikhuluma ngezinhlupheko, sisho ubuhlungu, usizi, ukukhathazeka, isono, ukungajabuli, ukuqaqamba, nokunye okuningi. Lezi zinkathazo kaningi zibangelwa izenzo zokona kwabantu, ngabomu noma bengaqondanga. Izenzo zabo, ngenxa yesono esinamandla alawulayo ezimpilweni zabo, ziletha ukungathokozi emhlabeni wethu. Amazwi aphefumulelwe encwadini ebizwa nge *Thoughts from the Mount of Blessing* achaza kahle:
"Ngokuzama ukungayinaki intando kaNkulunkulu ngephuzu elilodwa, abazali bethu bokuqala bavula amasango ezikhukhula emhlabeni. Futhi wonke umuntu olandela isibonelo sakhe uzokwamukela umvuzo ofanayo. Uthando lukaNkulunkulu lungaphansi kwayo yonke izimiso zomthetho Wakhe, futhi osuka emthethweni usebenzela usizi lwakhe kanye nencithakalo." 1
Kanjalo, isono akulona igama elisemthethweni elisho ukwephulwa komthetho. Futhi kuyisiqalo senqubo edidayo edala izinkinga eziningi hayi kuphela kumuntu oyiqalile, kodwa nakulabo abaxhumene nesenzo.

## ISONO ASIYONA INTO EYAQANJWA NGUNKULUNKULU

Abantu abaningi bacabanga ukuthi uNkulunkulu unecala lokuvela kwesono endaweni yonke. Imicabango yamanga elandelayo inikezwa njengempikiswano kulendaba:
Isono singukwephulwa komthetho, uNkulunkulu nguMqalisi womthetho. Kanjalo, uma umthetho ubungekho, kanjalo nesono besingeke sabakhona.
Imicabango enjalo ingamanga. Amazwi aphefumulelwe embula ngokusobala:
"UNkulunkulu akazange adale ububi. Wenza okuhle kuphela, okufana Naye….Ububi, isono, nokufa….ngumphumela wokungalaleli, okwasungulwa nguSathane." 2
Uma siyiqonda kahle, sizokwazi ukuzwisisa inhloso ngempela yomthetho kaNkulunkulu nokubaluleka kwawo kithi ngoba umthetho siwunikiwe ukuze sikwazi ukuhlukanisa noma sibone isono futhi sibhekane naso. Njengoba kukhulunywe ngaso ngaphezulu, umthetho kaNkulunkulu uchaza isono njengamazwi, kodwa uhlelo lwawo lungabakhona ngaphezu komthetho. Masinikeze isibonelo. Umthetho wesithupha (6) uthi, "Ungabulali" nomthetho wesikhombisa (7) uthi: "Ungaphingi" uma lemithetho yomibili beyingafakwanga emthethweni, bekungachazi ukuthi kuhle ukubulala kanye nokuphinga-kanjalo abantu bebengeke nokho bajabule uma bezenza lezozinto.

Kanjalo siyaqonda ukuthi kungani uNkulunkulu, efuna ukusivikela ezinkathazweni, encenga ukuba siphile ngokuvumelana nomthetho ongcwele kaNkulunkulu. Singabona ukuthi kungani iMibhalo Engcwele isinika ukuqondisa ukuze sinqamule iketanga lesono futhi sisigweme. "Ngalokho-ke lokhu sinefu elingaka lawofakazi elisihaqileyo, masilahle konke okusindayo nesono esithandela kangaka kithi, sigijime ngokubekezela kulokhu kuncintisana esikumiselweyo" (Heberu 12:1).
Kodwa isiphelo sobuthutha bobuntu bethu ukuthi sigweme ukukhathazeka noma ngayiphi indlela futhi sikhononde ngesimo esingajabulisi esikuso-kodwa ngaleso sikhathi siqhubeke ukuthanda isono futhi siqale yona kanye inqubo esibangela ukukhathazeka kithi kanye nalabo abasizungezile.

## UBUGOVU

UNkulunkulu uluthando. Lokhu kuchaza ngokuphelele uMdali wethu. UNkulunkulu akanabo ubugovu. Umuntu wadalwa ngomfanekiso kaNkulunkulu, efana noNkulunkulu. Kodwa inguquko yokuqala yenzeka lapho isono singena kwaba ukubuyisa kothando olunobugovu." 3
"Umuntu ekuqaleni wanikwa amandla nengqondo elingene kahle. Wayephelele ebuntwini bakhe, futhi evumelana noNkulunkulu. Imicabango yakhe yayimsulwa, izinhloso zakhe zingcwele, amandla akhe ayehlanekezelwe, futhi ubugovu buthatha indawo yothando." 3
Isisekelo sezinkathazo zonke ubugovu. Kubangele umuntu azizwe sengathi uyikho konke nokuthi konke kungokwakhe. Ngenxa yalokho, lesisimo sengqondo samguqula waba umthengi nomcicindezeli. Ngokufunda ngokucophelela umlando weBhayibheli, sithola isizathu salesenzo. Emva kokwephulwa komthetho, uAdamu noEva babethambekele ekumangaleleni omunye umuntu ukuze bazame ukubalekela ukulahlwa kwabo okuqinisekile. UKayini wabulala uAbela ngenxa yalesi sizathu. UJudasi wenza ububi phakathi kwabafundi futhi waze wakhaphela uMsindisi ngenxa yezinhloso zobugovu. Namuhla ubugovu buseyinkinga emhlabeni jikelele-futhi abugcini lapho kuphela. Ngisho nebandla likhubazekile ngenxa yobugovu. Kungakhathaliseki ukuthi isiphi isikhundla, indawo, inkolelo, noma uneminyaka emingakhi, okuningi kugxile ekwanelisekeni nesifiso sezinhliziyo ezonakele. Nomaphi lapho kukhona ubugovu, uthando, ukuthula, ukuthethelela, ukuqonda, ukuthobeka, nobumnene kuyanyamalala-futhi ngenxa yalokho, uthando, injabulo, isifiso senzuzo, ukuhaha, inzondo, ukungaqondi, ukukhathazeka, nokungeneliseki. Indlela enjalo yobugovu ibangela ukuzibhubhiso ngokwethu.
Kodwa ngomehluko osobala, singazwisisa ukuthi uNkulunkulu uzidela kangakanani, nokuthi isibonelo esimangalisayo asinike sona ngobuntu beNkosi yethu uJesu Kristu! Umusho olandelayo uyakuchaza:
"'UKristu akazange azijabulise ngoKwakhe.' Akukho azenzela kona; umsebenzi Wakhe wawungenxa yomuntu owileyo. Ubugovu bathotshiswa ngobukhona Bakhe. Wamukela imvelo yethu ukuze ahlupheke endaweni yethu. Ubugovu, isono selizwe lonke, sesiphenduke isono esidlangile ebandleni. Ngokuzidela Kwakhe ngenxa yobuhle bomuntu, uKristu wahlasela yona kanye impande yobugovu. Akagodlanga lutho, ngisho nenhlonipho Yakhe nodumo lwezulu. Ulindele ukuzidela okufanayo nokuzinikela ohlangothini lwalabo afikela ukubabusisa abasindise." 4

## UBUBI BUZIBOPHELELA

Enye inkinga ephawulekayo ngesono indlela esikwazi ngayo ukwanda nokusabalala ngaphandle kokusinika isaziso ngaphambili. Ngemva kokufunda isigaba esingenhla, sibonile ukuthi uNkulunkulu uluthando, futhi lolothando luthathelwa indawo ubugovu besono. Ngakho-ke, ukwazi ukuthi uNkulunkulu uwukuphila, singabona ukuthi ukuphila kuthathelwa indawo ukufa kulesi simo. Ukuphila kungukuzikhethela, kodwa isono sokuqala esenziwa emhlabeni sasihlanganisa ukufa kuso.
"Ngakho-ke njengalokho isono sangena ngamuntu munye, nangesono kwangena ukufa, ngokunjalo ukufa kwafikela abantu bonke, lokhu bonke bonile" (Roma 5:12).
Lokhu kwenzeka nanoma yisiphi isono. Ububi buyanda ngokuphambene nentando yethu, ngaphandle kwesifiso sethu. Kusukela ngalesosikhathi singena ukugula ngenxa yesono, siba ngabathwali nabasakazi baso ngesikhathi esifanayo. Kuyadumaza ngempela. Kodwa sibonga uNkulunkulu ukuthi akasishiyanga singenathemba! Ngecebo likaNkulunkulu lensindiso ukuthi kungenzeka ukuba uvuke ebuthongweni bokufa.

## AMAXUKU AMABILI

Bonke abantu bonile, kodwa asibobonke abafuna ukuqhubeka baphishekela indlela yesono. Kukhona umehluko lapha. 2 Thesalonike 2:3. Igcizelela inkulumo ethi "umuntu wesono" iqondisa kulowo okhetha ukuphishekela indlela yesono enze izimfuno ezithize-ezinye zezimfuno ukucindezela wonke umuntu lokhu "umuntu wesono" akubheka njengento enhle ukuyenza. Ngubani "umuntu wesono" afuna ukumcindezela-na? Impela yilabo abathe bavuswa nguMoya Ongcwele, abathe baqaphela izindleko zoMdali ongenacala bakhokha umphumela wesono. Kulokhu, umsebenzi "womuntu wesono" ulokhu uqhubeka futhi usazoqhubeka ukuba ngumthombo wezinkinga ezikhathini zonke. Nakhu okuphefumulelwe okusitshela kona:
"Ibandla lamaRoman Catholic, elihlanganisa izinhlobo zobuhedeni nezobuKrestu, futhi, njengobuhedeni, obuhlanekezela isimilo sikaNkulunkulu, liphendukela ekwenzeni izenzo ezinonya nokuvukela. Ezinsukwini zombuso wamaRoma bekukhona amathulusi okuhlukumeza acindezela ukuba kuvunyelwe izimfundizo zalo. Kwakukhona isigxobo kulabo ababengafuni ukuvuma lokhu akushoyo. Kwaba nokubulawa kwabantu ngezinga elingasoze laziwa kuze kube yilapho kwembulwa ekwahlulelweni." 5
Imbali iyaziphinda. "Ukuhlupheka okukhulu" abantu bakaNkulunkulu okufanele badlule kubo, kuzoba ngendlela efanayo ngoba kuzobe kwenziwa "ngumuntu wesono."
Izikhulu zebandla nombuso zizohlangana ukuthenga ngemali, ukugqugquzela, noma ukucindezela wonke amaxuku ukuba ahloniphe iSonto noma usuku lokuqala lweviki. Ukuswela amandla angcwele kuzosetshenziswa ngabameli abacindezelayo. Ukonakala kwezopolotiki kuzochitha uthando nokulunga futhi kungenandaba neqiniso; futhi neAmerica ekhululekile, ababusi nabenzi bomthetho, ukuze bagcine umusa womphakathi, bazozinikela kwizimfuno ezivamile zomthetho wokucindezela ukugcinwa kweSonto. Inkululeko kanembeza, ebangele umhlatshelo wezindleko ezinkulu, angeke usahlonishwa. Empini ezayo masinyane sizobona isibonelo samazwi esiprofetho: Udrako wamthukuthelela owesifazane, wamuka, wayokulwa nabaseleleyo benzalo yakhe, labo abagcina imiyalo kaNkulunkulu nabanobufakazi bukaJesu Kristu.'" 6
Amazwi angenhla aphendula umbuzo abantu abaningi abawubuzayo, "Uma ngingasafuni lutho ukwenza isono, angisayi kuba nezinkathazo-na? Ngempela, uzoba nazo. Inqobo nje uma isono sisekhona, izinkinga zizobakhona, futhi. Yingakho abantu bedumala. Kodwa ngincamela ukuba phakathi kwalabo-bantu abambalwa okukhulunywe ngabo ngenhla, futhi ngikhetha

ukuba ngingasabi yimbangela yezinkinga kunoma ngubani omunye. Kungesiye uNkulunkulu, noma abantu.

## ABAHLUPHI BASE-SIYONI, PHENDUKANI!

Masifunde amazwi aphefumulelwe abhalwe encwadini ebizwa *Evangelism:*
Kukhona emabandleni ethu labo abafakazela iqiniso kodwa bayizithiyo kuphela emsebenzi wemvuselelo. Bangamasondo emoto yosindiso. Lelixuku livame njalo ukuvivinywa. Ukungabaza, umona, nokusola kuyizithelo zobugovu, futhi kubonakala kuhlangene nemvelo yabo. Ngizokhuluma ngalelixuku labakhonondayo njalo ebandleni. Benza umonakalo omkhulu ebandleni kanye nesisindo esikhulu kubafundisi bakaKristu. Baphila esimeni wokungabaza, umona, kanye nokucabangela. Isikhathi esiningi nomsebenzi wamanxusa kaKristu bayadingeka ukulungisa umsebenzi wabo wobubi, babuyisele ukuvumelana nobunye ebandleni. Lokhu kudinga isibindi namandla ezinceku zikaNkulunkulu futhi kubenze bangalungeli umsebenzi abazowenza ukusindisa imiphefumulo ebhubhayo ecithakalweni. UNkulunlu uzobavuza laba abahlupha iSiyoni ngokwemisebenzi yabo.” 7
Nangu umfanekiso wexuku labantu, lelo omunye wethu, ngisho nami, umbhali walesahluko, ngingawela kulo. Laba ngabantu abamaziyo uNkulunkulu, banikela ukuphila kwabo Kuye, bashiya izindawo zalowo omubi bahlanganyela nalabo abangafuni ukwazi lutho ngesono. Kodwa umona nokucabangela nokho kusekhona ezimpilweni zabo. Ngempela, lezizinto azingeke uqobo zahlelwa njengezono ezimelana nomthetho kaNkulunkulu ngezinga eliphakeme, kodwa kuseyizo izikhali zikaSathane zokudumaza nokuchitha ibandla Lakhe nokuvimbela umsebenzi woMoya Ongcwele. UBufakazi buyasitshela ngalokhu okulandelayo: Umhawu, umona, ukucabangela okubi, ukuhleba zonke ezikaSathane, futhi ngempumelelo zivimba indlela yokusebenza koMoya Ongcwele. Akukho okunye okuthandeka kakhulu kuNkulunkulu njengebandla Lakhe. Akukho akuxwayile ngonakekelo olunomona kangaka. Akukho okucunula uNkulunkulu kakhulu njengesenzo esilimaza umfutho walabo abenza umsebenzi Wakhe. Uzobiza ukuziphendulela kubobonke abasiza uSathane emsebenzini wakhe wokusola nokudumaza inhliziyo.” 8
Ngingakubiza ngokuthi kuyisono. Mhlawumbe akugcizelelwa ngokuqondile nangamandla Omthetho Olishumi kodwa, njengoba sikhulumile ngaphambili, noma kungekho umyalo ngawo, kuholela ekudumaleni kanye nesono esingenakuvinjelwa. Noma uNkulunkulu noma yithi akukho esikuzuzayo ngesenzo esinjalo.
Sibiza uNkulunkulu njengoBaba wethu. “Ingabe labo amagama abo asezincwadini zebandla, abazishoyo ukuthi bangamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ingabe babheka ubudlelwano babo noNkulunkulu kanye nabazalwane babo-na? Masencike kuphela emuseni woMsindisi othethelela isono futhi masivumele izinhliziyo zethu zihlale ziqinile zingabi nozwelo-na? Ingabe ukuchukuluzwa okuthize kuyasivumele ukuba sithokozela umuzwa ongenamusa, noma kusibangela ukungenisa umuzwa wenzondo noma sifune ukuziphindisela-na? Ingabe sizophonsa kuqala itshe ekulahleni umfowenu, lapho uNkulunkulu engeza umusa Wakhe kithi, futhi ethethelela iziphambeko esizenzayo Kuye-na? Uma uNkulunkulu engena nathi ekwahluleleni, isikweletu sethu singatholakala sisikhulu, nokho uBabab wethu osezulwini uzimisele ukusithethelela. Abantu bazophathwa nguNkulunkulu, hayi ngokubona okungokwabo, kodwa ngomoya abawembula kubafowabo abaphambukayo.

## EQONDISA IZEMBE EMPANDENI

Ekulungiseleni umbuso kaNkulunkulu, uJohane umbhapathizi, umanduleli kaKristu, uchaza ngokusobala ngempela: "Izembe selibekiwe empandeni yemithi; ngakho yonke imithi engatheli izithelo ezinhle iyanqunywa, iphonswe emlilweni" (Mathewu 3:10).

### "Labo abathanda inzondo enhliziyweni yabo yaze yaqina futhi yaba yinxenye yesimilo sabo, kufanele babe nolwazi oluhlukile uma bengahlanganyela emvuleni yamuva. INkosi ithi sithulule izinhliziyo zethu ngobugovu okuyimpande yokuhlukana"

Umpostoli uPawule uyaqhubeka ukuseluleka ngokubaluleka kokuhlasela impande, efile nenamandla kakhulu: "Zamelani ukuthula nabo bonke kanye nokungcweliswa; ongenakho angeyibone iNkosi: Niqaphelisise **kungabikho osilelayo emuseni kaNkulunkulu, funa kumile impande imbe ebabayo, inixobise,** kungcoliswe abaningi yiyo" (Heberu 12:14, 15). [Ukuqinisa kuyengezwa.]

**"Ibandla alisoze ngokuphelele lithole imvula yamuva ngaphandle kokuthi asuse umhawu, ukucabangela, nokuhleba**. "Labo abathanda inzondo enhliziyweni yabo yaze yaqina futhi yaba yinxenye yesimilo sabo, **kufanele** babe nolwazi oluhlukile uma bengahlanganyela emvuleni yamuva." 10

"INkosi iyasincenga ukuba sithulule ezinhliziyweni zethu ubugovu eyimpande yokwehlukana. Ufisa ukuthululela phezu kwethu uMoya Ongcwele ngesilinganiso esikhulu, futhi uyasincenga ukuba sivule indlela yokudela umina. Lapho umina enikelwa kuNkulunkulu, amehlo ethu azovuleka ukubona amatshe ayizivimbelo nokuthi ubuhedeni bethu bumi endleleni yabanye. Konke lokhu uNkulunkulu uthi makususwe. INkosi ithi: Ngakho vumani izono omunye komunye, nikhulekelane ukuba niphulukiswe.' (Jakobe 5:16). Singaba nesiqiniseko uDavide ayenaso lapho, emva kokuvuma isono sakhe, wakhuleka: 'Buyisela kimi ukuthokoza kwensindiso yakho, ungiphase ngomoya ovumayo. Khona ngiyakufundisa abaphambukayo izindlela zakho; nezoni ziyakuphendukela kuwe." (Amahubo 51:12, 13).

"Lapho umusa uNkulunkulu ubusa ngaphakathi, umphefumulo uzozungezwa umoya wokukholwa nesibindi nothando olufana nolukaKristu, umoya ovuselela ukuphila kwesimoya kubo bonke abawuhogelayo." 11

"UKristu wathi: Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni; Ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhapathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya Ongcwele, nibafundise ukugcina konke enginiyale ngakho; bhekani, mina nginani izinsuku zonke kuze kube-sekupheleni kwezwe.' (Mathewu 28:18-20).

"Nakhu enithunywe kona. Uzoziphendulela kanjani kuKristu ngendlela yakho, esikhundleni sokusebenzela ukusindisa abazalwane bakho, uthululela ezindlebeni zabo izinkinga zakho, nokudideka, kanye nokukhonona maqondana nabazalwane bakho-na? Kaningi uyakhululeka ezinkathazweni zakho uma ukhuluma kwabanye ngoKristu ubatshele ngamaqiniso ayigugu. Kodwa ungakhulumi amazwi aphuma ngenxa yomona nokucabangela okubi kanye nokusola. Ungahambisi imibiko emibi maqondana nabazalwane bakho. Ngoba izinto ezinjalo iNkosi angeke ihambel ibandla njengoba efisa. Angeke wavula yini indlela yeNkosi-na? Asibo bonke abanenxenye kulomsebenzi omubi, kodwa makuthi labo bangene emgqeni." 12

## ISIPHELO

UNkulunkulu uthanda ukuba sijabule, futhi usasebenza ukubuyisela injabulo kithi. Nalapho abantu bangaba izithunywa zezinkinga zethu, isizathu esingamandla sempande yesono isezinhliziyweni zabantu. Nokho, akekho ocindezelwa ukuba azinikele kulamandla. Usiba oluphefumulelwe luchaza inkinga yangempela. "Isilingo esikhulu akusona sokuthethelela isono. Noma singaba esicindezela kangakanani phezu kwakho, isono isenzo sakho. Isihlalo sobunzima inhliziyo engadalwanga kabusha." 13 UNkulunkulu wenzile konke okufanele akwenze loludaba lwabasobala, ngoJesu wenzile insindiso ukusuka ebugqilini besono yaphumelele. Uthanda ukuba sibambe ngokuqina lelithuba. Masikhethe uhlangothi lukaNkulunkulu ngoba masinyane, emva kokuhlupheka okukhulu, umqalisi wesono nesono ngokwaso kuzochithwa, nalabo abakhethe ukuhlala beyizoni bazobhujiswa kanye nesono. Masinyane isikhathi siyeza lapho izinkathazo zizophela ingunaphakade. Masibheke phambili lolosuku njengoba lubhaliwe encwadini ebizwa nge-*The Great Controversy.*

"Impikiswano enkulu iphelile. Isono nezoni akusekho. Indawo yonke ihlanzekile. Umuzwa owodwa wokuvumelana nenjabulo uzwakala kuyoyonke indalo. Uvela kuLowo odale izinto zonke, kugelezela ukuphila nokukhanya nenjabulo, phakathi kwendawo engenamkhawulo. Kusukela kumhlaba omncane ukuya komkhulu, zonke izinto, eziphilayo nezingaphili, ebuhleni bazo obusobala nenjabulo ephelele, zimemezela ukuthi uNkulunkulu uluthando." 14 Amen.

### *Okuphathelene*


1. *Thoughts from the Mount of Blessing*, p, 52.
2. *The Review and Herald,* Ncwaba 4, 1910.
3. *Steps to Christ,* p. 17.
4. *Testimonies for the Church*, vol. 5, p, 204.
5. *The Great Controversy,* p. 569.
6. Ibid. p. 592.
7. *Evangelism,* p. 370.
8. *Testimonies for the Church*, vol. 6, p. 42.
9. *The Signs of the Times,* February 14, 1895.
10. *The Home Missionary,* Ncwaba 1, 1896.
11. *Testimonies for the Church*, vol. 6, p, 43.
12. *Letters and Manuscripts,* vol. 22, Ms 71, 1907.
13. *The Adventist Home,* p. 331.
14. *The Great Controversy,* p. 678.

**NGOLWESIHLANU, ZIBANDLELA 8, 2023**

# Ukuhlangana no-MSINDISI

**NGU ABU RUBEN BUDAU**

***Umdala, U.S.A.***

Kwakusehlobo ngonyaka ka2021 ngahlangana nomuntu ojabule kunabo bonke engake ngambona ekuphileni kwami. Ngangivakashele ixuku elisanda kuhlelwa eMcAllen, Texas, elinye lamadolobha angaseningizimu e U.S., imizuzu embalwa ukusuka emngceleni waseMexico. Umzalwane uqalise ukushumayela emsakazweni, abelana ngeVangeli emsakazweni wasendaweni, abantu abaningi bamshayela ucingobecela ukuba bavakashelwe noma bacele izifundo zeBhayibheli. Omunye wabo nguMr. Guadalupe, indoda eseminyakeni engashumi ayisithupha engowase Mexico ngokuzalwa. Ngesikhathi sokuvakasha kwami, uMr. Guadalupe ubekhona enkonzweni izikhathi ezimbalwa futhi waguqula ukuphila kwakhe ngokuphelele. Wamukela iSabatha ngenjabulo nokuphila kwakhe okusha kwabonakalisa ukuqonda kwakhe okusha nokujulile imibhalo. Ubehlala njalo emamathekile ebusweni bakhe nenjabulo yakhe uma ekhuluma ngoJesu kwakuthelelana. Angikaze ngizwe izwi lokudabuka noma ukukhathazekile, futhi ngazo zonke izindlela ngokungenzeka ubeyindoda ejabulile ngempela.

Namuhla, ekuhlanganeni kwethu nsuku zonke, sibona abantu ababonakala bejabulile ngezikhathi zonke, futhi asicabangi ukuthi kukhona okuthize okungavamile ngabo. Akudingeki ukuba kube yinto ewumbukwano ukujabula lapho sinempilo enhle, noma sinemikhaya enothando, noma lapho siziphilisa ngokunethezeka.

Uma kufanele sibhale uhlu lwabantu abajabulile kakhulu, singalingeka ukufaka abantu abangaba nakho konke okungathengwa yimali, babe ngaphezulu ohlwini. Futhi, labo ababonakala bephila kahle bengakhathazwa ukugula, noma bengenazinkinga zemali noma ezomndeni, noma labo ukuphila kwabo kubonakala kuphelele ngezindlela zonke.

Noma kunjalo, injabulo kaMr. Guadalupe beyingaveli ngokuba nokuphila okuphelele, kodwa kunalokho wayejabule ngaphezu kwezilingo ezinkulu nobunzima. Wayebulawa ngumdlavuza, futhi njengoba udokotela emtshelile ukuthi wayezoshona ngonyaka odlule, wayesephila esikhathini sokubolekwa. Wayenesikhwama se-colostomy esixhunywe esiwini sakhe futhi enesimila esilingana nesithelo segrapefruit siphuma eceleni kwentamo yakhe. Wayephefumula ngethumbu, elalisentanyeni yakhe, okwakufanele alivale ngomunwe ukuze akwazi ukukhuluma. Wayehlala yedwa endlini yokusebenza enhle engenazo izihlobo ezimvakashelayo. Engakwazi ukuthola umsebenzi, encike emuseni wabantu ukuba abeke ukudla etafuleni nokukhokha irenti.

Ngokubheka ngeso lomuntu, wayengenalutho ngempela kulomhlaba engamduduza nokulondeka. Kodwa wayetshela wonke umuntu ukuthi akadabukile, kodwa ujabulile. Kodwa sasingekho isidingo sokusho lokho ngoba wonke umuntu ubazi ukuthi ungumuntu ojabulile. Ubukwazi ukufunda ubuso bakhe, ukukhuluma kwakhe, nokuziphatha kwakhe.

Abantu abaningi banolunye uhlobo lwenjabulo lapho izinto zonke zihamba kahle ekuphileni kwabo, kodwa uMzalwane Guadalupe ubenenjabulo nokuthula okudlula umzimba wakhe nezilingo zasemhlabeni. Umpostoli uPawule, ngokuba namava afanayo uthi, “Ngakho

ngenamile ebuthakathakeni, nasekuphathweni-kabi, nasekusweleni, nasekuzingelweni, nasekubandezekeni ngenxa kaKristu, ngokuba uma ngibuthakathaka, yikhona nginamandla" (2 Korinte 12:10).

## KANJANI?

Kungenzeka kanjani ukuba nokuthula okunjalo, phakathi kwesivunguvungu sezinhlupheko-na? Kungenzeka kanjani ukuba "thokozani njalo" (Thesalonike 5:16), ngisho nalapho izinto ezimbi ziza endleleni yakho-na? Umzalwane uGuadalupe ubenemfihlo, leyo abetshela wonke umuntu ngayo. Njengompostoli uPawule, owahlangana noMsindisi, nokuthi kwaba isikhathi senguquko ekuphileni kwakhe, njengoba wayengeke aphinde afane nangaphambili.

## ISIDINGO SETHU ESIKHULU

Ngaphambi kokuhlangana ngedumela elikhulu noMsindisi, uPawule ubesohambweni lwakhe, futhi sibheka injabulo nokweneliseka ezindaweni ezahlukahlukene. Abanye bazophendukela emhlabeni abfune injabulo yezwe bazame izinto zonke umhlaba ongamupha kona. Indaba yendodana yolahleko iyakhunjulwa kaningi kubasha abaningi abakhathele "izivimbelo" zezenkolo. Abanye, njengompostoli uPawule, bangafuna uNkulunkulu kwizimfundiso ezahlukene zohlelo lwezenkolo, kodwa bangazithola bekude kakhulu kuNkulunkulu njengoba abantu bephuza kumatavern. Noma ngeyiphi indlela esiyikhethayo ngaphandle kukaNkulunkulu, ekugcineni bazoba nomphumelo ofanayo. Yonke imizamo esiyenzayo yokufuna injabulo yomhlaba nokweneliseka ngezindlela esizenzela kona zizophenduka zibeyize kodwa ingozi ephindwe kabili: "Ngokuba abantu bami benzile okubi okubili; bangishiyile, umthombo wamanzi aphilileyo, bazigumbele imithombo, imithombo evuzayo, amanzi angenakuhlala kuyo" (Jeremiya 2:13).

Sadalelwa ukuba sigcwaliswe ngokuthula kwasezulwini, njengoba siphila ngokuvumelana ngokuphelele noMdali. Uma lokuxhumana kulahleka, akukho lutho kulomhlaba okunganelisa ukoma komphefumulo. Ukuthula nenjabulo yeqiniso angeke kwatholakala kunoma yini lomhlaba ongakunikeza. Kolunye uhlangothi, uma sesihlangene noMsindisi ukuxhumana kwethu noSomandla kuyabuyiselwa, akukho lutho kulomhlaba okungasecupha ukuthula kwethu kwasezulwini, okwedlula konke ukuqonda. "Ngubani ozakusahlukanisa nothando lukaKristu-na? Noma ukuhlupheka, noma ukubandezeka, noma ukuzingelwa, noma indlala, noma ukuhambaze, noma ingozi noma inkemba-na?" (Roam 8:35). Lokhu kwenza uNkulunkulu abe yisidingo esikhulu sabantu.

Simdinga kakhulu kangakanani uNkulunkulu, futhi siyini ngaphandle Kwakhe-na? Kuyini okungcono esingazenzela kona, ngaphandle kukaNkulunkulu, futhi kufanele akhothame kangakanani, ukuze afinyelele kithi futhi asibuyisele, futhi waqinisa izinyathelo zami-na? (Amahubo 40:2.) Ukuphila namava ompostoli uPawule ayisibonelo esikhulu sangaphambili nangasemuva kokuhlangana noMsindisi.

## UKUSEBENZELA ISITHA

Azikho izibonelo eziningi ezingcono zokusebenzisa kabi ukwethenjwa. Amazwe alomhlaba anesijeziso esinzima kulabo abenza izenzo zokuvukela umbuso. Isenzo sikaJudasi sokukhaphela uJesu senze igama lembuka lamukelwe ngokunengeka yonke indawo emhlabeni. Lapho sicabanga ngabantu abasebenzela uSathane, singase sicabange

ngobusathane, amademoni nezinye izidalwa ezimbi ezisobala. Kodwa lapho senza okuphambene nesimilo sikaNkulunkulu, sisemsebenzini wesitha futhi silahlekelwe kakhulu njengoba kwenzeka kuJudasi ngokwanga okukhaphelayo. Ngaphambi kokuguquka kwakhe, umpostoli uPawule wayesebenza emelene noMbuso ophakade. Ngokucacile nakakhulu, ekushushiseni abalandeli bakaJesu empeleni ubenza umsebenzi kaSathane." 1

Uma singahambi ohlwini lukaNkulunkulu, asikho endaweni engathathi uhlangothi, ngoba ayikho into enjalo embusweni kamoya. Empeleni kufana nokulwa eduze kwesitha esikhulu kunokuba phakathi kwezikhonzi zakhe. Ngemva kokuguquka kwakhe, umpostoli uPawule wabhala ngohambo lokuphila kwethu lwangaphambili: "Nani ekade **ningabafokazi nezitha** engqondweni ngemisebenzi emibi…" (Kolose 1:21). [Ukugcizelela kuyengezwa.]

Isimo sethu senyanyeka kakhulu uma, njengo Pawule, senza kanjalo lapho sicabanga ukuthi sisebenzela uNkulunkulu, ngoba **"abekho abagqilazwe ngokungenathemba kunalabo abakholelwa emangeni okuthi bakhululekile"** 2 futhi ukunyanyeka kwaseLawodekiya kukhulisa umcabango wokuthi "ucebile, ukhulisa ingcebo, futhi akadinga lutho," futhi awazi ukuthi ungolusizi, nowokuhawukelwa, nompofu, nophuphuthekayo, nohambaze" (Isambulo 3:17).

Ngaphandle kukaNkulunkulu, umsebenzi wethu uyize. Ngaphambi kokuhlangana noJesu, imizamo emihle kaPawule yokusebenzela uNkulunkulu yayenyanyeka okwamenza wazisola ekuphileni kwakhe konke: "Ekugcineni kwabo bonke wabonwa nayimina enginjengozelwe kungakabi yisikhathi. Ngokuba mina ngingomncinyane kubapostoli, engingafanele ukuthiwa umpostoli, ngokuba ngazingela ibandla likaNkulunkulu" (1 Korinte 15:8, 9).

UPawule wayenephutha ngempela. Akazange ngabomu, noma ngokuqonda, asebenza ukumelana noNkulunkulu; ngokuphambene, wayecabanga ukuthi wenzela uNkulunkulu umsebenzi. Kodwa lokho akuguqulanga iqiniso lokuthi wayelapho kanye uSathane ayemfuna ukuba abekhona futhi enze. Ukushisekela kwakhe inkolo yakhe eqinile nengokomthetho kuye kwaholela ekubeni ajezise futhi alimaze abantu futhi esebenzisa amandla nokwesabisa njengendlela okuthiwa indlela yokushumayela ivangeli. Izindlela ezinjalo ziphuma ngokuqondile ebhokisini lamathulusi kaSathane, futhi awanayo indawo ekuqhubekiseleni phambili umbuso kaNkulunkulu.

## UKUDELA "INZUZO" YETHU

USawule waseTarsu ubengumJuda obefuna ukwenza loku okufanele. "Ngasokwa ngosuku lwesishiyagalombili ngingowohlanga lukaIsrayeli, owesizwe sakwaBenjamini, umHeberu wamaHeberu, ngokomthetho umFarisi; ngokokushisekela ngingowazingela ibandla, ngokokulunga okusemthethweni ngingongasolekiyo" emehlweni akhe, wayesohlelweni olufanele, ehlanganyela ebandleni elilungile, enza amasiko afanele, enemfundiso efanele futhi egcwele intshiseko. Wayenazo zonke izizathu emhlabeni zokuziqhenya ngalokhu akuzuzile, futhi ethembele kuzozonke izinto azibiza "ngenzuzo" kuye (Filiphu 3:7) wakushaya indiva ngenxa kaKristu. Lapho "izinzuzo" bezingenza noma yimuphi umJuda azikhukhumeze, uPawule wakuzwisisa kamuva ukuthi into eyodwa esingazigabisa ngayo isiphambano sikaJesu: "Kepha makungabikho kimi ukuzibonga, kuphela ngesiphambano seNkosi yethu uJesu Kristu, okubethelwe ngaye izwe kimi name kulo izwe" (Galathiya 6:14).

Nakuba zonke lezozinto zazingezona ngempela ezimbi, inqobo nje uma ethembele ensindisweni, wayengena-kuba noKristu. UNkulunkulu wamukela kuphela inkonzo nokulalela okugqugquzelwa uthando-konke okunye kufana "nethusi elikhencezayo, nensimbi encencethayo" (1 Korinte 13:1). Uma lezozinto zisivimbela ukwamukela ngokuphelele

nokuthembela kuMsindisi, besekuthi ngazozonke izindlela, "konke sikushaya indiva ngobukhulu bokumazi uKristu Jesu iNkosi yami" (Filiphu 3:8). "Ukushaya zonke lezinto indiva" umpostoli akazange azibheke njengomhlatshelo. Lapho esenambithile wabona ukuthi uJehova muhle, zonke "izinzuzo" zakhe zangaphambili ziba buthakathaka uma ziqhathaniswa. Noma ukusebenzisa izwi likaPawule laba "njengobulongwe" (Filiphu 3:8). Umuntu wafumana ingcebo efihliwe ensimini akazange ezwe ubuhlungu "bokuthengisa ngakho konke anakho" athenge leyonsimu, ngoba ukuthokoza kwakhe bokufumana ingcebo kwakukukhulu kakhulu (Mathewu 13:44).
Kuyini okufanele sikulahle ngenxa kaKristu-na? Lezozinto kuphela ezenza "sibelusizi, nowokuhawukelwa, nompofu, nophuphuthekayo, nohamba-ze" (Isambulo 3:17), "nokulunga," kwethu konke kwakunjengengubo "enindiweyo" (Isaya 64:6).

## UKUFUNA UKWENZA OKUHLE

Ukufuna ukwenza okuhle kubalulekile. Kodwa "ukufuna" akwanele, ngoba kunomthetho wemvelo ongaphakathi kithi osigcina siyizigqila zesono njengasemhlabeni: "Ngalokho ngifumana kimina engithanda ukwenza okuhle umthetho wokuthi kukhona okubi kimi" (Roma 7:21).
Ngikhumbula kahle amava engahlangana nawo ngisemusha. Ngangivakashele umkhulu nogogo abahlala ngasenyakatho yempumalanga eRomania, ngathunyelwa kumakhelwane ngiyoboleka ithulusi lasengadini. Uma ngifika esangweni lomakhelwane, kwakusekuseni, futhi umakhelwane wayekhipha amazinyane amabili esibayeni angene egcekeni elikhulu eligcwele utshani obuluhlaza. Lapho ephuma nje, amazinyane engulube aqala ukugijima ngendlela eyodwa, ngokushesha okukhulu, awazange ame aze afika echibini lokuthungatha ajike kulo ngesasasa elingachazeki aze agcwala udaka yonke indawo. Lokhu akuzange kuthathe imizuzwana engaphezu kwengu 20 futhi lapho sekuphelile, enelisekile ngokugcwele ngempumelelo yawo, ahamba ukuyodla.
Isono sijulile emvelweni yethu njengesifiso sodaka kulamazinyane amabili engulube. IBhayibheli liyasimema ukuthi sizindle, "UmKhushe angasiguqula isikhumba sakhe, nengwe amabala ayo-na? Khona ningenza okuhle-nina enifundiswe ukwenza okubi" (Jeremiya 13:23). Isono sesingene kakhulu emzimbeni wethu wonke, kangangokuthi ukuphunyuka emaketangeni akhona athatha okungaphezu kwamandla omuntu, kuthatha wona kanye amandla kaNkulunkulu uqobo. Futhi yilokhu uPawule akuthola evangelini: "Ngokuba anginamahloni ngevangeli; ngokuba lingamandla kaNkulunkulu, kube yinsindiso kulowo nalowo okholwayo" (Roma 1:16). [Ukugcizelela kuyengezwa.]

## UKUHLANGANA

Ubuhle bevangeli ukuthi uNkulunkulu uyasazi isimo sethu, futhi usasifuna. Wathumela iNdodana Yakhe kulomhlaba ukuze bobabili lowo obulawa izidakamizwa angasindiswa kuleliketanga elithandelayo nalowo onokulunga okungokwakhe okhonzayo bangaphepha ekuthandelekeni okubhubhisayo balethwe embusweni womusa, lapho uNkulunkulu "osebenza konke kubo bonke" (1 Korinte 12:6). Naphezu kobutha kuye "Ngokuba sisebuthakathaka, uKristu wafela abangamesabi uNkulunkulu ngesikhathi esifaneleyo" (Roma 5:6). UJesu akasifelanga nje lapho siqala ukuba ngcono, noma okungenani lapho ebona ukuthi senza imizamo yokumlalela, kodwa "siseyizitha, sabuyiselwa kuNkulunkulu ngokufa

kweNdodana Yakhe, ikakhulu, siyakusindiswa ngokuphila Kwayo sesithole ukubuyisana" (Roma 5:10).

Ukuhlangana noKristu kungaphezu kokuhlangana okungahleliwe. Kungamabomu ohlangothini lukaNkulunkulu. Uyasifuna, asithole, futhi ungqongqotha emnyango wenhliziyo yethu, ezama ukuthola ukunaka kwethu. Ngesinye isikhathi ukhuluma nathi ngevesi leBhayibheli, noma umngane, noma ipheshana. Ngezinye izikhathi, mhlawumbe ngesehlakalo esithile, kungakhathaliseki ukuthi sikubona kukuhle noma kukubi. Wakhulula uSawule waseTarsu ngezwi elizwakalayo endleleni eya eDamaseku, futhi iNkosi yakhuluma kuye ngobumpumputhe bakhe, yilokhu akufundayo:

**"UNkulunkulu akagcini nje ngokwenza izinto ezinhle ukuthi zisebenza ndawonye ngokuhle, kodwa zonke izinto, futhi lokho kuhlanganisa izinto "ezimbi"….ngenkathi eyimpumputhe ngokuphelele, [uPawule] waba nombono omuhle kunawo wonke ake waba nawo."**

## ZONKE IZINTO ZISEBENZA NDAWONYE

"Siyazi ukuthi kwabamthandayo uNkulunkulu konke kusebenzelana kube ngokuhle, kulabo ababiziweyo ngecebo Lakhe" (Roma 8:28). Kulula ukuzwisisa nokwamukela ukuthi izinto ezinhle zisebenzelana ngobuhle bethu. Kodwa akukho lutho okumangalisayo kulokhu, njengoba uNkulunkulu wethu enguNkulunkulu omangalisayo, ongenza izinto ezimangalisayo. Umpostoli uPawule wabhala lapha ukuthi uNkulunkulu akenzi izinto ezinhle kuphela ukuba zisebenzelane ngobuhle bethu, kodwa zonke izinto, nalokhu kufaka nezinto "ezimbi". Lapho ehlangana noJesu okokuqala, waba yimpumputhe, inhlekelele engaka-ubukwazi ukubona ngaphambili, bese kuba ngubumnyama obuphelele. Futhi ngesikhathi eyimpumputhe ngokuphelele, waba nombono omuhle kunawo wonke ake abanawo ekuphileni kwakhe. Wabona ukuthi wayenga-nelisekanga, wabona ukuthi wayefile ngeziphambeko nangezono" (Efesu 2:1). Kungakhathaliseki okungaphandle "ukulalela" wabona ukuthi wayedinga uMsindisi kakhulu. Ebona inguquko lamava ewalethile kuye. Ubengeseyena umshushisi webandla ononya, kodwa usengumfundi omnene, ozimisele ukufunda nokwazi uNkulunkulu ngobukhazikhazi Bakhe beqiniso.

Ngezinye izikhathi amaKrestu azoba namava ezehlakalo ezibonakala "zizimbi." Kodwa kusukela kwisondo eliphantshile kuya ezifeni ezisongela ukuphila, uNkulunkulu angenza zonke izinto zisebenze ndawonye ukuze kuzuze thina ingunaphakade. Okusalayo kithi ukuMbonga ngezinto Zonke azivumela ukuthi zenzeke ezimpilweni zethu, futhi simethembe ukuthi ulawula konke. "Kukho konke bongani; ngokuba lokhu kuyintando kaNkulunkulu kuKrestu Jesu ngani" (1 Thesalonike 5:18).

Ukuhlangana noMsindisi uhambo oluqhubekela phambili lokungcweliswa, okwenziwa nguNkulunkulu, njengoba sivulela izinhliziyo zethu imisebe efudumele yothando Lwakhe "Kepha uNkulunkulu wokuthula, yena uqobo, makaningcwelise ngokupheleleyo" (1 Thesalonike 5:23). Kungukuzinikela nsuku zonke nokuthobisa imizimba yethu ngokuphelele uthando lwasebukhosini. Kungukuthola nsuku zonke ngokuphakeme ubukhulu bothando lukaNkulunkulu, oluyimvelo Yakhe (1 Johane 4:7). Kungukufunda ukumethemba ngemisebenzi yethu nsuku zonke kanye nasebunzimeni, ulawula ngokuphelela zonke izehlakalo zokuphila kwethu. Ukuhlangana noMsindisi kusho ukumazi kakhulu kufinyelela lapho samukela ukuthula nenjabulo ngisho nasebunzimeni. "Ngakho kunalokho ngijabulela ukuzibonga ngobuthakathaka bami, ukuze amandla kaKristu ahlale phezu kwami. Ngakho ngenamile ebuthakathakeni, nasekuphathweni kabi, nasekusweleni, nasekuzingelweni,

nasekubandezekeni ngenxa kaKristu, ngoba uma ngibuthakathaka, yikhona nginamandla" (2 Korinte 12:9, 10).

"Ngoba abadangele kukhona ikhambi eliqinisekile-ukholo, umkhuleko, umsebenzi. Ukholo nokusebenza kuzonikeza isiqinisekiso nokwaneliseka okuzokwanda usuku nosuku. Ingabe uyalingeka ukuba uvumele imizwa yokukhathazeka noma yokuphelelwa yithemba okukhulu-na? Ezinsukwini ezimnyama kakhulu, lapho okubonakalayo kubonakala kunqabela kakhulu, ungesabi. Yiba nokholo kuNkulunkulu. Uyasazi isidingo sakho. Unamandla onke. Uthando Lwakhe olungapheli nesihawu akukhathali. Ungesabi ukuthi uzohluleka ukufeza isithembiso Sakhe. Yena kithi uyiqiniso elingapheli. Kasoze aguqule isivumelwano asenze nalabo abamthandayo. Futhi uzonika inceku Yakhe ethembekile isilinganiso sokweneliseka kulokhu abakudingayo." 3

Ezinsukwini ezimnyama, lapho okubonakalayo kubonakala kunqabela kakhulu, ungesabi. Yiba nokholo kuNkulunkulu. Wenza intando Yakhe, Wenza zonke izinto kahle ngenxa yabantu Bakhe. Amandla alabo abamthandayo nabamkhonzayo azovuselelwa nsuku zonke. Ukuqonda Kwakhe kuzobekwa emsebenzini wabo, ukuze bangaduki ekufezeni inhloso Yakhe.

Akufanlele kubekhona ukuphelelwa yithemba emsebenzini kaNkulunkulu. Ukholo lwethu kufanele luqine lapho ukucindezela okulethwa ukuba bakuthwale. UNkulunkulu uyakwazi futhi uyathanda ukubeka phezu kwezinceku Zakhe wonke amandla abawadingayo. Uzokwenza okungaphezu kwalokho okulindelwe yilabo ababeka ithemba labo Kuye.

Noma ngabe yini esidlula kuyo, sinesiqiniseko Sakhe: "Angisoze ngakuyeka, angisoze ngakushiya" (Heberu 13:5), futhi "ukuze ukuvivinywa kokukholwa [kwenu], okuyigugu kunegolide elibhubhayo noma livivinywa ngomlilo kufunyanwe kube ngukubongwa, nodumi, nokutuseka ekwambuleni kukaJesu Kristu" (1 Peter 1:7).

Kuyilungelo lethu namuhla ukuhlangana noMsindisi. Uyafinyeleleka komunye nomunye wethu, kungakhathaliseki ukuthi sikude kangakanani Naye ekuhlubukeni kwethu. Namuhla welulela isandla Sakhe kithi, esekhokhe ngokugcwele isihlengo sobubi bethu. Uma sisamukela, uzosiphula zonke izici zesono kithi, futhi esikhundleni senhliziyo yethu yetshe afake inhliziyo egcwele uthando Lwakhe. Ukuphila kwethu akusoze kwafana, futhi sizoba nsuku zonke ekuphileni kwethu okusindisiwe, sijabule emsebenzini Wakhe.

"Ukuthula yikona okudingayo-ukuthethelela kweZulu nokuthula nothando emphefumulweni. Imali ayikwazi ukukuthenga, ukuqonda angeke kwakuthola, ukuhlakanipha angeke kufinyelele kukho, angeke ukuthembe, angeke wakuthenga ngeyakho imizamo, ukuze ukuvikele. Kepha uNkulunkulu ukunika njengesipho, "Nani eningemali, wozani nithenge ngaphandle kwemali" (Isaya 55:1). Kungokwakho uma nje welula isandla sakho ukubambe. INkosi ithi, "Noma izono zenu zibomvu kakhulu, ziyakuba-mhlophe njengeqhwa; noma zibomvu njengobubende, ziyakuba njengoboya bezimvu." (Isaya 1:18). 'Ngiyakuninika inhliziyo entsha, ngifake phakathi kwenu umoya omusha.' (Hezekeli 36:26)." 5

***Okuphathelene***


1. Johann Wolgang von Goethe: https: www.goodreads.co/quotes/528301.
2. *The Acts of the Apostles,* p. 115.
3. *Prophets and Kings*, pp. 164, 165.
4. *Testimonies for the Church,* vol. 8, pp. 10, 11.
5. *Steps to Christ*, p. 49.

**ISabatha, Zibandlela 9, 2023**

# Ukumazi uNkulunkulu LAPHA NAMANJE

**NguELI TENORIO**
*Umongameli weGeneral Conference*

## SINGAMAZI YINI UNKULUNKULU-NA?

Kuyinxenye yemvelo yomuntu ukufuna ukuqonda okujulile nokuxhumene namandla angaphezulu. KumaKrestu, lokhu kuchaza ukufuna uNkulunkulu. Lokulangazela akuyona into entsha, kukhona okuthile okubekelwe umuntu ngasemva kwesimanje. Isifiso esikhona kithi kusukela Endalweni. Ngisho nangesikathi uKristu ehamba kulomhlaba, labo ababeseduze Naye babelangazela ukusondela eduze noNkulunkulu.
Kwisifiso sokwazi kwakhe uNkulunkulu kakhulu, uFiliphu wathi kuJesu: "Nkosi sikhombise uYihlo, kusanele" (Johane 14:8).
Kodwa sihamba kanjani sifuna ulwazi ngoNkulunkulu, futhi kungenzeka ukuthi simazi Yena siselapha futhi namanje, njengoba sinjalo-na? Akufanele yini silinde ukuguqulwa sisuke enyameni yokufa siye kwinyama yokungafi-na?
Omunye wabangani bakaJobe, igama lakhe nguSofari, wabuza: "ungathola imfihlakalo kaNkulunkulu-na? Ungamfumana uSomandla kuze kube sekupheleni kwakhe-na?" (Jobe 11:7).
Amazwi aphefumulelwe ayaphendula, "Angeke ngokuhlola simfumane uNkulunkulu, kodwa uthe wazembula ngoKwakhe eNdodaneni Yakhe, ongukukhanya kwenkazimulo kaYise nomfanekiso ogcizelela ubuntu Bakhe, uma sifuna ukwazi ngoNkulunkulu kufanele sibe njengoKristu…Siphile ukuphila okunsulwa ngokukholwa kuKristu njengoMsindisi wethu okuzoletha kokholwayo umbono ocacile, ngomcabango ophakeme ngoNkulunkulu." 1
KuFiliphu, uJesu wathi kuye:"Isikhathi esingaka nginani, awukangazi, Filiphu-na? Ongibonile mina ubonile uBaba; usho kanjani ukuthi: sikhombise uYihlo-na?" (Johane 14:9).
Singamfuna impilo yethu yonke futhi singamtholi, kodwa uzembulile Yena kithi. UNkulunkulu ufuna ukutholakala. Kangangokuthi, usinikeze izindlela eziningi zohlangana Naye.

## IZINDLELA ZOKWAZI UNKULUNKULU

Ngomprofethi uJeremiya, uNkulunkulu usinikeze imibandela edingekayo ngaphambi kokuba simazi Yena lapha namanje: "Niyakungifuna, ningifumane, lapho ningifunusisa ngenhliziyo yenu yonke" (Jeremiya 29:13).
Ukufuna kwethu uNkulunkulu akufanele kuphelele emfundisweni kuphela. Sidinga ukumfuna ngenkuthalo nsuku zonke. Ngomusa Wakhe uNkulunkulu uthe walungiselela izindlela esingasondela ngazo Kuye futhi simazi ngokuseduze:

## 1. IBHAYBHELI

Uma umuntu ongakaze wezwa kukhulunywa ngaye ufuna ukwazi ngaye futhi usikisiki luzokuzwisa ubuhlungu, uzothanda ukuchitha isikhathi ufuna ukwazi ngalowo muntu kabanzi. Unganeliseki ngalokhu okuncane okukhulunyiwe wakuzwa futhi, hleze ungaya kumakhasi okuxhumana uzifunele ukuthi abanye bathini ngaye noma abakukhulumile okuqondene nabo. Uzobuza osondelene nabo, ukuthi kuyini abakuzwile nalokhu abacabangayo.

UNkulunkulu usilungisele iqoqo lolwazi kulabo abafuna ulwazi olwengeziwe Ngaye. Akufanele sineliseke ngolwazi olukha phezulu kuphela. UKristu usitshelile ukuthi “sihlole iMibhalo” (Johane 5:39). Ufuna ukuba siMazi mathupha; ngakho-ke, usilungisele iBhayibheli njengesambulo Sakhe.

IBhayibheli elibusisekile lisinika ulwazi ngecebo elikhulu lensindiso futhi lisibonisa ukuthi umuntu ngamunye angaba nokuphila okuphakade. Ngubani uMqambi weNcwadi-na? – nguJesu Kristu. UnguFakazi Oqinisileyo, futhi, uthi Ngaye, ‘Ngizinika ukuphila okuphakade; azisoze zabhubha naphakade, futhi akakho ongazihlwitha esandleni Sami.’ IBhayibheli lisibonisa indlela eya kuKristu, futhi kuKristu ukuphila okuphakade kwembuliwe.” 2

Isimo sethu nokuqonda uma sivula iBhayibheli kuqinisa ukuthi kuyini okuhlanganiswe kumakhasi alo. IZwi likaNkulunkulu lisiholela ukuba simazi kabanzi uma silifunda ngenhliziyo evulekile. Singamazi uNkulunkulu kabanzi uma sivumela uMoya Ongcwele ucindezele amaqiniso acwebile eMibhalweni Engcwele.

“AmaJuda ayeneMibhalo efakaza ngoKristu, kodwa ayengakwazi ukuhlukanisa uKristu eMibhalweni. Amaqiniso eThestamende Elidala ayexutshwe nemicabango yabantu kangangokuthi izimfundiso zalo zenziwa ezididayo, nentando kaNkulunkulu kumuntu yembozwa. Intshumayelo kaKristu yasentabeni yacishe yaphikisana nezimfundiso zababhali nabaFarisi zokuzilungisa. Bathe bahlanekezela uNkulunkulu kangangoba wabhekwa njengomahlululeli ononya, ongenalo uzwelo, ongenasihe, noma uthando. Babeletha kubantu izimiso ezingapheli namasiko angasho ukuthi ‘Isho njalo iNkosi’ngegunya lawo. Noma babethi bayamazi futhi bakhonza uNkulunkulu weqiniso nophilayo, bahlanekezela ngokuphelele nangesimilo esembulwe eNdodaneni Yakhe. UKristu wasebenza njalo ukuchitha lokhu kuhlanekezela, ukuze ukuzethemba kwabantu othandweni lukaNkulunkulu kungabuyiselwa. Wafundisa umuntu ukuba abize uMbusi ophakeme ngegama Elisha elithi ‘Baba wethu.’ Legama lifanekisa ubudlelwano bangempela Naye, uma sikhuluma ngokuqinisa ngezindebe zomuntu, lingumculo ezindlebeni zikaNkulunkulu. UKristu usiholela esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu ngendlela entsha ephilayo.” 3

Uyathanda yini ukufunda nokuhlola iBhayibheli lakho ngenhliziyo evulekile, ukufunda, nokuguqulwa-na? Kanjalo uzomazi uNkulunkulu ubenamava amandla Akhe ekuphileni kwakho ukudlula isikhathi esingaphambili. Uzobona inguquko kuwe nalabo abaseduze kwakho.

## 2. UMKHULEKO

Uma lomuntu obumfuna kwezokuxhumana unodumo oluncane, angithembi ukuthi uzokwazi ukufinyelela kuye nge-email noma ucingo (telephone). Hleze kukhona inombolo yase ofisini lakhe, kodwa angeke ufinyelele kuye uqobo lwakho.

Kodwa singabanakho ukufinyelela kuNkulunkulu ngokuthobisa amakhanda ethu nokusonga izandla zethu. Umkhuleko ungumzila oqondile oya kuNkulunkulu. Kuxhomeke ebudlelwaneni bethu Naye, yilapho singazuza khona ukuqonda kabanzi ngoBaba wethu osezulwini.

Umkhuleko wenza sizazele ngobukhona bukaNkulunkulu ekuphileni kwethu futhi uqinise ukuxhumana kwethu Naye.
Ngomkhuleko, singasho ukubonga kwethu, sifune ukuhola kukaNkulunkulu, sivume izono, sicele intethelelo. Umkhuleko unikeza ithuba lokucabanga okuthulile, usivumela ukuzwa izwi loMoya Ongcwele, usinikeza ukuqonda okujulile izidingo zethu nokuthanda kukaNkulunkulu ukuba asibusise asiphe namandla okunqoba.
IBhayibheli lisibonisa ukuthi uNkulunkulu esendaweni Yakhe ephakeme nengcwele, akekho kwisimo sokungenzi lutho, kungesikho ngokuthula noma ukuba yedwa, kodwa ezungezwe izinkulungwane eziyishumi ngokuphindwe ngezinkulungwane eziyishumi zezinkulungwane zezihlakaniphi ezingcwele, zonke zilindele ukwenza intando Yakhe. Ngemizila esingeke siyibone uYasebenza exhumana nezinxenye zonke zombuso Wakhe. Kodwa kulomhlaba omncane, ngemiphefumulo anikela iNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba iyisindise, nokuthi intakazelelo Yakhe nentakazelelo yezulu lonke igxile khona. UNkulunkulu ukhothama esihlalweni Sakhe ukuze ezwe ukukhala kwabacindezelwayo. Kuyoyonke imikhuleko eqinisekile uphendula athi, 'Nangu mina.' Uphakamisa abacindezelekile nalabo abaphethwe kabi. Kuzozonke izinhlupheko zethu uHlupheka nathi. Nakuzo zonke izilingo ingelosi yobukhona Bakhe iseduze nomkhululi.
"Ngisho nenyoni encane ayiweli phansi uBaba angayinaki. Inzondo kaSathane ngoNkulunkulu imenza azonde sonke isikhonzi esiphansi konakekelo loMsindisi. Ufuna ukonakalisa umsebenzi wezandla zikaNkulunkulu, futhi ujabulela ukubhubhisa ngisho nezidalwa eziyizimungulu. Kungenxa yonakekelo lukaNkulunkulu kuphela izinyoni zilondolozwa khona ukuze zisijabulise ngomculo wazo othokozisayo. Kodwa angeke akhohlwe ngisho nenyoni encane. 'Ngakho maningesabi, nina nizidlula kakhulu izinyoni.' "4
"Ukukhuleka nsuku zonke kuyadingeka ukuze sikhule emuseni, ngisho nokuphila kwesimoya ngokwakho, njengokudla kwesikhashana kwinhlala-kahle yomzimba. Sizozijwayeza ukuba njalo siphakamisele imicabango yethu kuNkulunkulu ngomkhuleko. Uma ingqondo izula-zula, kufanele siyibuyisele emuva; ngomzamo oqiniselayo, umkhuba uzokwenza kubelula. Asikwazi ngomzuzu owodwa sizehlukanise noKristu ngokuphepha. Singaba nobukhona Bakhe obusiqaphela inyathelo ngalinye, kodwa ngokugcina imibandela ayimisile ngoKwakhe." 5

**"Nakuba kungase kubekhona umoya ongcolile, owonakele osizungezile, akudingeki ukuba siphefumule intuthu yawo, kodwa singahamba emoyeni ohlanzekile wezulu."**

"Celani, khona nizakuphiwa; funani, khona nizakufumana; ngqongqothani khona nizakuvulelwa" (Mathewu 7:7).
"Kuyini izingelosi zasezulwini ezikucabangayo ngomuntu ompofu ongenakuzisiza, ongaphansi kwesilingo, lapho inhliziyo kaNkulunkulu ngothando olungapheli ilangazelela maqondana nabo, futhi ilungele ukubanika okuningi abakucelayo nabakucabangayo, kodwa bakhuleka kancane futhi banokholo oluncane-na? Izingelosi zithokozela ukuguqa phambi kukaNkulunkulu; ziyathanda ukuba seduze Kwakhe. Zikhathelela ukukhulumisana noNkulunkulu njengenjabulo yazo enkulu; kodwa abantwana emhlabeni, abadinga usizo olukhulu uNkulunkulu kuphela ongabanika lona, babonakala benelisekile ukuhamba ngaphandle kokukhanya koMoya Wakhe, nobungane bobukhona Bakhe." 6

"Kufanele sivule umnyango wenhliziyo uvuliwe njalo kanye nesimemo esinyukela phezulu ukuthi uJesu angeza ahlale njengesihambeli sezulu emphefumulweni."
"Noma kungabakhona umoya ongcolile, nowonakele osizungezile, akufanele siphefumulo umusi wawo, kodwa masiphile emoyeni ohlanzekile wasezulwini. Singavala yonke iminyango yemibono engcolile nemicabango yokuphakamisela umphefumulo ebukhoneni bukaNkulunkulu ngomkhuleko okhuthazelayo. Labo izinhliziyo zabo zivulekele ukwamukela usizo nesibusiso sikaNkulunkulu sizohamba emoyeni ongcwele kunalowo osemhlabeni futhi sizoba nokukhulumisana nezulu." 7
"Singakhuluma noJesu. Singakhuluma noJesu njengoEnoke owakhuluma noNkulunkulu. Wayetshela iNkosi yakhe zonke izilingo Zakhe. Lapha indlela uEnoke abekhuluma ngayo noNkulunkulu, futhi lapho ukukhanya kubonakala endleleni yakhe, wayengalindele ukusho ukuthi, 'Kungani, kuyini abangane bami nezihlobo abazokusho ngami uma ngithatha lendlela-na? Cha, wenza okulungile noma ngabe umphumela uzoba yini.
"Manje uEnoke wazama ukuba nokuxhumana noNkulunkulu, kanye nalabo abangenako ukuxhumana noNkulunkulu abanokuxhumana nomunye ozobasusa kuyoyonke into efanele. Sonke kukhona isimilo okufanele sisakhe. UEnoke wakha isimilo esilungile futhi umphumela ukuthi wathathelwa ezulwini engakubonanga ukufa. Uma iNkosi ibuya ngokwesibili kukhona abanye abazoguqulwa bengakubonanga ukufa, futhi sifuna ukwazi ukuthi ingabe sizoba phakathi kwaleso-sibalo. Sifuna ukwazi ukuthi ingabe siphelele ohlangothini lweNkosi-abahlanganyeli bemvelo Engcwele, abaphephe ukonakala okusemhlabeni ngenxa yenkanuko-singazami ukwenza indlela ekhanyayo ezinyaweni zethu lapho singeke saba nezilingo noma ubunzima esizohlangabezana nakho, kodwa ngokuzibeka ngokwethu ebuhlobeni obufanele noNkulunkulu, simvumele ukuba anakekele imiphumela." 8
Ingabe uzokhuleka kakhulu ukusuka manje ukuya phambili-na?

## 3. UBUHLOBO

Hleze ekuhloleni kwakho ufuna ukwazi kabanzi ngomuntu ongadumile oke wamcwaninga, uhlangana nomuntu ohlangane naye mathupha. Ulalela amava akhe uwahlanganise namava omunye umuntu abanawo, futhi ngokushesha wakha isithombe esiphelele nesinothile sesimilo salowo muntu.
Ukukhonza uNkulunkulu emphakathini kunothisa ubuhlobo bethu Naye. Ngokwabelana namava sithola inxenye yomusa kaNkulunkulu nesimilo esingasihlanganisa namava ethu ngesithombe esiphelele ngempela sokuthi ngubani uNkulunkulu.
Ukuba yinxenye yomkhaya kaNkulunkulu kusinika amathuba okukhulisa izimpawu zesimilo sikaNkulunkulu ekuphileni kwethu, kusinika ukuqonda okujulile othandweni nomusa kithi:
IMibhalo iyasichazela ukuthi umuntu ngamunye wethu angasebenzisa noma isipho asizuzile ukusebenzela abanye, njengezinceku ezithembekile zomusa kaNkulunkulu ngezimo ezingafani. Kufanele sibekezelelane sithethelelane uma sinesikhalo omunye komunye, njengoNkulunkulu ethe wasithethelela (1 Peter 4:10; Kolose 3:13.)

"Umshini ungaba ngophelele ezinxenyeni zonke, nokho kungabakhona ukungqubuzana okuningi nokuguga ekuhambeni kwayo, kodwa uma ugcoba amafutha, yenza umsebenzi wayo ngokuthula nangokufanele. Kunjalo nakithi. Kuyadingeka ukuba sibe namafutha omusa ezinhliziyweni zethu, ukuze sivikele ukungqubuzana okungavuka phakathi kwalabo esibasebenzelayo. Ngakho-ke, njengoba singabi nempikiswano kuphela ngeqiniso kodwa

amafutha omusa, singathwala isigijimi ngamandla. Ubandlululo luzodilizwela phansi, nomsebenzi omkhulu uzopheleliswa….
“Labo abahlanganyela emsebenzini omkhulu ozothile wokuxwayisa umhlaba, akufanele babenamava angawabo ezintweni zikaNkulunkulu, kodwa mabakhulise uthando omunye komunye, futhi basebenzele ukuba nomqondo owodwa, nokwahlulela okukodwa, nokubona ngaso linye. Ukuntuleka kothando kuthokozisa isitha esinobuqili. Nguyena ongumqalisi wenzondo, umona, ukungezwani; futhi uyajabula ukubona lokhula olubi luminyanisa uthando, lesitshalo esithambile sesimila sasezulwini”….
“Idumela lesisebenzi kufanele ligcinwe ngokungcwele. Uma umuntu ebona amaphutha komunye, akufanele awakhulise phambi kwabanye, nokwenza izono zibenzima kakhulu. Kungabakhona amaphutha ekwahluleleni, ukuze uNkulunkulu asinika umusa ongcwele wokunqoba. Uma Wabona ukuthi izingelosi, eziphelele, ngabe zenza lomsebenzi kwisizwe esiwileyo kangcono kunabantu, ngabe wawunike zona. Kodwa esikhundleni salokhu Wathumela umsizi odingekayo ompofu, obuthakathaka, izidalwa ezifayo, lezo, ezinobuthakathaka njengabangane bazo, zikulungele ngempela ukuzisiza.” 9
“Bathandekayo, masithandane, ngokuba uthando luvela kuNkulunkulu, nabo bonke abathandayo bazelwe nguNkulunkulu, bayamazi. Ongathandiyo akamazi uNkulunkulu; ngokuba uNkulunkulu uluthando” (1 Johane 4:7, 8).

## 4. INKOLO

Inkolo uKristu asibonisa yona ngesibonelo yileyo esebenzayo. Ayihlali ezincwadini nasemithethweni kakhulu njengokusebenza okukhuthele nokugqilazwa.
“Umpostoli uPawule wabonisa ukuthi inkolo ayihlanganisi amasiko nemikhosi, ukuvuma izinkolo nemibono. Uma kwenzeka, umuntu wemvelo angakuqonda ngokuphenya, njengoba eqonda izinto zomhlaba. UPawule wafundisa ukuthi inkolo ingamandla asebenzayo, asindisayo, isimiso esivela kuNkulunkulu ngokuphelele, amava omuntu ngokwakhe ngamandla kaNkulunkulu avuselela phezu komphefumulo.
Abantu ngokwemvelo bayize. Sibala ukuthi zingakhi izenzo esizenzele abanye ukuze sazi ukuthi kuthiwa banesikweletu esingakanani kithi. Sigcina amarekodi engqondweni alabo abathe basonela. Siyazibheka, singene emicabangweni ethi “Bheka ukuthi kungakanani engikwenzile. Maye mina ompofu. Kufanele ngenzele wonke umuntu konke.” Lemicabango isidonsela kude noKristu.
Ukumazi uNkulunkulu ngempela, kufanele sifane Naye. Ngomusa Wakhe nangoMoya Ongcwele, kufanele sisebenzele abafowethu ngaphandle kokunaka ukuthi benzani nokuthi kuyini okungabafanele. Kufanele sithethelele ngaphandle kwesilinganiso futhi sisize singakhathali. “Kepha masingakhathali ekwenzeni okuhle, ngokuba siyakuvuna ngesikhathi esifaneleyo, uma singadangali” (Galathiya 6:9).
Uma sikwenza lokhu, siqala ukuqonda isimilo sikaNkulunkulu. Sithola izinhlansi zothando Lwakhe ngathi nokuthi uthethelela futhi abusise kanjani ngaphandle kwesilinganiso, adilize ubuzwe bethu. Lena indlela enamandla yokwazi uNkulunkulu ngokweqiniso lapha namanje.

## KUNGANI SIMAZI UNKULUNKULU

Ngolunye usuku umfanyana wayedlala nabangane bakhe. Banquma ukuba bayodlala kwenye insimu, lapho behamba ngaphakathi kwayo, bahlangama nomthombo futhi kwafanele

baweqe ngokusebenzisa ugodo. Bonke bawelela ngapheseya ngaphandle komfana oyedwa. Abangane bakhe bambiza: "Woza, welela ngapha!" kodwa lomfane wenqaba ukuwela.

Omunye wabangane bakhe wabuyela emuva ngogodo wamnika isandla sakhe: "Bamba isandla Sami. Angeke ngivume uwe." Kodwa, lomfana akavumanga ukuwela.

Ngaleso sikhathi, ubaba walomfana wafika wabuza: "Kungani ungafuni ukuwela lomfula-na?

"Ngiyesaba, Baba," kusho umfana.

UBaba wakhe wambamba ngesandla wathi: "Masihambe!" nomfana wabamba isandla sika baba wakhe, umfana wawela umfula ngaphandle kokwesaba.

Esikhathini esithile onyakeni olandelayo, kungase kudingeke uwele umfudlana ngogodo olungaqinile. Bafowethu nodadewethu, ukwazi uYihlo osezulwini kuzonenza nithembele ekuqondiseni Kwakhe futhi nithokozele ukuthula ngaphansi konakekelo Lwakhe, naphezu kobunzima nezilingo ezizayo.

"Ngakho-ke masingakhohlwa umusa kaNkulunkulu kodwa masiwugcine njengamatshe ayigugu. Lapho amandla obumnyama esizungeza, enyenyeza ukungabaza uthando lukaNkulunkulu nokusinakelela Kwakhe, masethembe ukukhanya athe wakuvumela kukhanye phezu kwethu emaveni okuphila kwethu." 11

Asikho isidingo sokwazi yonke imininingwane yesikhathi esizayo; kufanele simazi uNkulunkulu lapha namanje. Besekuthi, ngokukholwa, singabamba isandla Sakhe. Uyalazi ikusasa, futhi angeke asivumele ukuba sihambe.

"Ngokuba yimina-Jehova uNkulunkulu wakho obamba isandla sakho sokunene, nothi kuwe: Ungesabi, mina ngiyakusiza" (Isaya 41:13).

## ISIPHETHO

Ukumazi uNkulunkulu akukhona ukufunda iqoqo lezinkolelo noma imithetho. Kumayelana nokuqonda uthando olukhulu lukaNkulunkulu olwambulelwa thina nguJesu Kristu kanjalo futhi ngaleyondlela sithuthukise ukuxhumana okujulile Naye ngezenzo zesimoya. Kumayelana nokugcina inhliziyo nengqondo zivulekile ukuze sifunde futhi siqaphele ubukhona bukaNkulunkulu ekuphileni kwethu nomhlaba osizungezile.

"Isibalo nomqondo wendaba yonke yomusa wamaKrestu namava aqukethwe ekukholweni kuKristu, ukumazi uNkulunkulu neNdodana Yakhe ayithumileyo. Kodwa yilapha abaningi behluleka khona, ngoba baswela ukholo kuNkulunkulu. Esikhundleni sokufisa ukulethwa ebudlelwaneni noKristu nokuzidela Kwakhe nokuthotshiswa Kwakhe, bahlala befuna njalo ukuphakama kobumina….Maye uma besingalwazi uthando lukaNkulunkulu, izinhliziyo zethu beziyokwengezwa, ukuzwelana kwethu okulinganiselwe bekuzokwandiswa, sigqashuke kwizikhubekiso zobugovu ezibandayo, nokuqonda kwethu bekuzojula kunalokhu esiyikho manje….

"Kungenxa yokuthi asimazi uNkulunkulu, asinalo ukholo kuKristu, nokuthi asihlatshwa ngumxhwele ngokujulile ukuthotshiswa akubekezelela ngenxa yethu, ukuze ukuthotshiswa Kwakhe kungasiholeli ukuba sizithobe, bese siphakamisa uJesu." 12

Noma ngabe uyikholwa likamoya eselimkatsha ubomvu noma usanda ukuqalisa uhambo lwakho, umkhuleko wami ukuthi uze ufinyelele ekumazini uNkulunkuliu lapha namanje.

Okulandelayo imibuzo yokuxoxisana phakathi kwebandla Kuleviki Lomkhuleko.

Kungenzeka yini ukumthola uNkulunkulu-na?

UNkulunkulu uzembula kanjani kithi-na?

Yiziphi izibusiso uNkulunkulu akuphe zona kulonyaka, kungakhathaliseki ukuthi bezikufanele noma cha.
Ingabe ubuhlobo nabanye busisiza kanjani ukuba simazi uNkulunkulu kangcono-na?

## *Okuphathelene*


1. *That I May Know Him,* p. 9.
2. *The Atlantic Union Gleaner,* Nhlangulana 9, 1909.
3. Ibid.
4. *The Desire of Ages*, pp. 356, 357.
5. *Messages to Young People,* p. 115.
6. *Steps to Christ,* p. 94.
7. Ibid., p. 99.
8. *Manuscript Releases,* vol. 9, pp. 256, 257.
9. *Historical Sketches,* pp. 119, 120.
10. *The Acts of the Apostles,* p. 451.
11. *The Youth's Instructor,* Ntulikazi 15, 1897.
12. *That I May Know Him,* p. 104.

**NgeSonto, Zibandlela 10, 2023**

# Ukumazi
# UNKULUNKULU INGUNAPHAKADE

-NGU TEVITA BATIWALE

*U-Elder, South Pacific Union Mission, Fiji*

Mandulo, kwakukhona insizwa eyakhulela esiqhingini esincane esizungezwe iPacific Ocean ngobubanzi. Yafundela ukuba umbazi futhi ngokushesha yavula imboni yayo njengombazi. Lensizwa yayinomfowabo ncane owafunda kakhulu wathola iziqu zobuthishela. Bobabili baphumelela kulokhu abakufundele futhi baba umsuka wokuziqhenya nenjabulo yomndeni wabo. Ukuphumelela kwabo nokho, kwabangela umhawu ezinhliziyweni zawomakhelwane babo. Abambalwa ababenomona bandisa izindaba ezimbi emzini wonke ukuthi impumelelo yezelamani yayibangelwa ukuthi ubaba wabo uzibandakanya kolunye uhlobo lobuthakathi.
Phakathi kwalenkinga, ukuphila kwalensizwa kwembuleka kububi bomfutho wamademoni. Wayekhathazwa futhi ehlaselwa njalo "indoda" ephakeme igqoke izambatho ezimnyama eyayimlandela izikhathi eziningi-imini obusuku. Ngesikhathi esisodwa, ukugula okungaziwa kwaqala ukumhlupha okwabangela ukuba alahlekelwe ukubona esweni lakhe langasokhohlo. Ezizwa efanele yilobunzima-nokuthi ukuhlupheka kwalensizwa kwakuyisijeziso esisobala esivela kuNkulunkulu futhi ngenxa yomcabango omkhulu womona wangaphambili, ubuhlungu kanye nenzondo), abantu basendaweni babashaya futhi bashisa ikhaya labo ngomlilo yawela phansi. Balahlekelwa yikho konke nalensizwa yaxoshwa endaweni. Noma yadingiswa kwelakubo, yalandelwa ukusongelwa komoya noma kukuphi lapho eya khona.
Ithemba lakhe lokukhululeka kulomoya kaSathane, lensizwa yakhala eNkosini ukuba iyikhulule. Kwenzeka ukuthi ahlanganiswe futhi nomhlobo wakhe wakudala kamuva wamazi njengomdala kwenye lamabandla akudala eSeventh Day Adventist edolobheni lakhona. Umngane wakhe wabelana naye ngeqiniso leSabatha nezinye izimfundiso zeBhayibheli-ubunjalo bencazelo ngalezihloko kwamholela ekuhlolisiseni ngokujulile umphefumulo-maqondana nezinkolo zobuKrestu ayenazo ngaphambili. Lokhu kwamholela ukuba ekugcineni abhapathizwe waba ngoza nsuku zonke ebandleni lomngane wakhe kulelodolobha.
Kulokho okungase kubhekwe ngokucasuka kanye nokuphikisana okujulile mayelana nalokhu kuthuthukiswa, umoya wobudemoni waphinda wahlasela okwesibili kulensizwa futhi manje nasemndenini wayo, futhi. Lokhu kwaqhubeka naphezu kokuba eseyilunga lebandla iminyaka emihlanu waze waba ngumdikoni. Isimo sakhe sasisibi kakhulu ngangokuba idemoni ngezinye izikhathi lalihlala esihlaweni esingemuva enkonzweni, libheka yonke into ayenzayo ngesikhathi ekhonza phambi kwakhe. Akakho owayekwazi ukubona isivakasi esisabekayo ngaphandle kwakhe. Lesi sigameko, esikhathazayo saqhubeka esajulisa isifiso esisuka enhliziyweni sokukhululwa kulokhu kuhlangana namademoni futhi senza lensizwa ijule kubuhlobo bayo noNkulunkulu. Isikhathi sakhe wasichitha ngokuzila ukudla njalo-njalo, nokuthandaza, nokufunda iBhayibheli.

Umphumela waba ukuthi, waqala kancane ukuguqula eminye imikhuba ekuphileni kwakhe. Okunye okwaphawuleka waguqula ukudla kwakhe okuvamile ukuba kube okusekelwe ezitshalweni ngokugcwele ngemva kokuyalwa yisithunywa sevangeli ephusheni. Ekholelwa kuphela ekuholweni okungcwele, insizwa yezwa ukuthi kukhona ibandla elifanayo ongahamba imizuzu emihlanu ukusuka ekhaya lakhe. Okunye ukuthi bazibiza ngegama le "Seventh Day Adventist Reform Movement), nokuthi ezinye zezinkolelo zabo zazingahambelani ngamaphesenti angu 100 nebandla ayekulo njengomdikoni. Kodwa wanquma ukuthi uzozama ukuya kulo ngeSabatha elizayo.

Ngokuqonda lesinqumo, ukuhlasela kwamadimoni kwakhula kanzima futhi izikhathi eziningi ngoSuku Lolungiselelo (Ngolwesihlanu) nangeSabatha ekuseni. Loluhambo okwakufanele luthathe imizuzu emihlanu ukuya kulelobandla kwaba isikhathi esivivinya kakhulu ekuphileni kwalendoda njengoba idimoni lazama ngamandla onke ukumholela ekwehlulekeni kwengqondo. Kodwa, isango langaphambili ebandleni labonakala emehlweni afiphele alendoda futhi ngomkhuleko kaJakobe, wakhona ukudlulela phambili….

Umuzwa ongavamile wenkululeko wagelezela enhliziyweni yakhe lapho ebona indlela ivuliwe emholela emnyango wenkonzo kwigumbi lesikolo seSabatha esasiqhubeka. Umbono wabantwana kanye nabasha emagambini abo ahlukile okufundela kanye nezingoma ezivamile zenza lolusuku lweSabatha lakhetheka futhi nangamava ahlukile. Lapho eqhubekela phambili, iphimbo elivamile labiza igama lakhe. Lapho ezwa amazwi abandayo ngenhliziyo eswele uthando lukaKristu futhi nanjengombiko omubi njengesidalwa esibulalayo, lensizwa yaphendulela ubuso bayo ukubhekana nomsuka waleliphimbo. Amazwi ayebanda; amazwi ayelula. Umi ngaphandle kwesango njengenja eboshiwe kodwa ngamehlo ahlabayo ebheke umphefumulo walensizwa, umoya omubi wathi, "Leli ibandla leqiniso. Ngizosuka lapha futhi uma kwenzeka ulishiya lebandla. Ngizophinde ngihlangane nawe futhi, "Ukunganaki lokhu okushiwo ngumoya, lensizwa yangena ngaphakathi kwebandla. Lensizwa ayizange yamukele lamazwi njengeqiniso njengoba yayelandelwa njalo umoya wobudimoni, ngisho nasebandleni lakhe lokuqala. Imizuzu embalwa elandelayo, ekhathazekile ngomngane wakhe ohlala emlandela ongamukelekile ukuthi ukuphi, waphenduka ebheka ngasemuva ebandleni leSDARM elincane. Ngokuqinisekile, lomoya wawungatholakali ndawo.

Kusukela ngalolosuku, wanquma ukushiya ibandla lakhe langaphambili wazihlanganisa nebandla leSDARM. Lapho ebuyela ekhaya emva kokuvalwa kwezinkonzo zeSabatha, lwalungekho uphawu lomoya wamademoni. Emva kweminyaka eminingi, wabanakho ukuthokozela ubuthongo obumnandi-ekhululekile ekuhlukunyezweni idimoni. Emva kokuba nezifundo zeBhayibheli eziqhubekayo, ezijwayeza ngezisekelo zenkolo yebandla, wabhapathizwa manje ungumdikoni ebandleni lendawo yeSDARM. Amava alokuphila, uthi, amholele ekuthokezeleni kakhulu uthando nokuHlizekela kukaNkulunkulu nokumazi Yena kakhulu. Kwamholela ukubona ukuthi kungenxa yobudlelwano obusondelene noKristu nokuzinikela ekuHlinzekeleni Kwakhe esinganqoba ngayo. Nokuthi kungenxa kaKristu, esingathola ukuphila-kulomhlaba kanye nokuphila emhlabeni ozayo. Konke lokhu, wakukholelwa, ekuhlanganiswa evesini elilodwa elikhethekile:"Ukuphila okuphakade yilokhu ukuba bazi wena-Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, nomthumileyo uJesu Kristu" (Johane 17:3).

Lesi sihloko sizocwilisa ngokubaluleka kwaleli vesi ukuba yikholwa nokuthi kusho ukuthini "Ukumazi uNkulunkulu inguNaphakade":

## UKWAZI

Amazwi athi "ukwazi" asetshenziswa kuhide lomcabango noma umusho ukukhombisa noma ukuveza umqondo wokuthi kunombono othile noma iqiniso elisebenza kakhulu esimeni

esithile. Isibonelo "ukwazi" ukuqoba u-anyanisi ngaphandle kokukhala kuyikhono elisizayo ongaba nalo-ikakhulukazi uma ungafuni ukuthi imifino ibe isizathu sokukhala kwakho. Sizwa kuthiwa ulwazi oluthile lusebenza kakhulu kulesimo esithile.

Ukuba nalokhu engqondweni, singazibuza imibuzo emibili elandelayo: "Kuyini uKristu afune siyazi-na?" futhi "kusebenza-ni lokhu-na?"
Okusekelwe kuJohane 17:3, impendulo ilula impela.
Umcijo Wokwazi: Ukuba bazi uNkulunkulu noJesu Kristu.
Umcijo Wempumelelo: Ukuthola ukuphila okuphakade
Ukuqonda manje umphumela wokuthola lolo lwazi okungukuthi ukwazi uNkulunkulu, thina kufanele sigxile ekuhlaziyeni okuvela eBhayibhelini kanye noMoya Wesiprofetho.

## UNKULUNKULU ONGUNAPHAKADE

Uma sazi umuntu othile, kulindelwe ukuba sijwayelane nakho konke okungenzeka ngalowomuntu ngaphandle kwezinto ezivamile. Isibonelo, yiziphi izinto abazithandayo, ziyini izimo zabo maqondana nezindaba ezithile; kuyini "ukutotoswa" kwabo futhi zinjani izimilo zabo. Kudingekile, futhi kulindelwe ukuba sibazi kangcono ngezindaba ezisenhliziyweni ngalowomuntu uma kuqhathaniswa ngolwazi lwangaphandle omunye angaba nalo.
Maningi kakhulu amaphutha kanye nemibono eyiphutha ezungeze ukuqonda okuyikho ngoNkulunkulu ukuthi Yena Ungubani ukuthi abaningi bathe baduka. Nokho, ngokunganaki ukugcwala kwamaphutha mayelana nalolu lwazi olubalulekile, iBhayibheli lisinikeza "ngokukhanyayo" ngalendaba.
Yiluphi ulwazi iBhayibheli elingasembulela lona maqondana nezindaba eziseduze noNkulunkulu.
Esinye sezibonelo zokuqala iBhayibheli likubeka ngokusobala kithi lokhu kuphuma emlonyeni kaNkulunkulu kuEksodusi isahluko 34. Liyasitshela:
"UJehova wadlula phambi [kukaMose], wamemeza wathi: NguJehova! NguJehova! NguNkulunkulu ogcwele isihe, onomusa, ophuza ukuthukuthela, novame ubumnene neqiniso, ogcinela abayizinkulungwane umusa, othethelela ububi neziphambeko nezono, ongayikuyeka onecala, ehambela ububi bawoyise kubantwana nakubantwana babantwana, kwabesizukulwane sesithathu nesesine" (Eksodusi 34:6, 7).
Sibona lapha izimpawu zesimilo sikaNkulunkulu-imicijo eseduze kokuphila kukaNkulunkulu okumbeka ahluke kwabanye onkulunkulu. Uma ucabanga ngalokho, kuyamangaza kodwa nokho akulungile ngomqondo ukuthi uMdali Ongapheli, Waphakade, ezindaweni zonke ufingqa konke okufanele sikwazi Ngaye ngemigqa embalwa kodwa wakwenza lokho ukuze okuphelayo, umuntu omubi angeza, ngokuphelele, olwazini olwengula phezulu Ngaye.
Kuyathathekisa futhi ukuthi ukuze uzuze ulwazi olufanele ngoNkulunkulu ukuthi Ungubani, thina, njengoMose, kufanele sifihlwe "Emfantwini weDwala" (Eksodusi 34:5).
Kuthiwa ngoKristu maqondana nalowo mfanekiso "weDwala" kwesinye isehlakalo samava kaMose ukuthi "idwala lalinguKristu" (1 Korinte 10:4). Kanjalo siyabona lapha isidingo "okungekho sobala kangakho" ukwazi nokuthokozela uNkulunkulu ukuba ngowokuqala ukuholelwa kuKristu. Kungaleso sikhathi kuphela lapho "singabona" khona uNkulunkulu ngokweqiniso.

UKristu ngoKwakhe uyaphawula ngalokho kuJohane 14:6 lapho esho khona ngokusobala: "Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila: akakho oza kuBaba, ngaphandle kwami" (Johane

14:6). Futhi usho ngokusobala ngesikhathi ekhuluma namaJuda anokulunga kwawo ayehamba ezama ukungena eZulwini ngencazelo yawo eyiphutha yezwi likaNkulunkulu: "Nihlola imibhalo, ngokuba nithi ninokuphila okuphakade kuyo; yiyona efakaza Ngami" (Johane 5:39).

UMoya wesiProfetho uyasitshela:

"Yilapho uMose afihlwa emfantwini wedwala ukuze abone inkazimulo kaNkulunkulu. Yilapho uma sizifihla eDwaleni eliqhekekile uKristu uzakusemboza ngesandla Sakhe esahlatshwayo, futhi sizokuzwa okushiwo iNkosi ezincekwini Zayo. Kithina njengoba kunjalo kuMose, uNkulunkulu uzozembula ngoKwakhe "njengogcwele isihe, onomusa, ophuza ukuthukuthela, ovame ubumnene neqiniso, ogcinela abayizinkulungwane umusa, othethelela ububi neziphambeko nezono.' EKsodusi 34:6, 7." 1

Njengoba kushiwo ngaphambili, ukuthola lolwazi lukaNkulunkulu okunye okuzothatha ngempela ingunaphakade ukukuxazulula. Kodwa uNkulunkulu, ngomusa Wakhe, usinika lokhu esikudingayo manje ngensindiso yethu eZwini Lakhe. Uyasitshela ngokusobala; "Izimfihlakalo zingezikaJehova uNkulunkulu wethu, kepha okwambuliweyo ngokwethu nabantwana bethu kuze kube phakade ukuba siwenze wonke amazwi alomthetho" (Duteronomi 29:29)-ikakhulukazi isibonelo sikaKristu.

## UMBHALO ESIHLABATHINI

Isehlakalo esithile, Ngiyakholwa, okufinqa lokhu amava kaKristu nowesifazane owalethwa phambi Kwakhe ngabaFarisi ngejongo yokumlahla njengoba kutholakala kuJohane 8

Isahluko siqala ngokuthi uKristu, emva kokubuya eEntabeni yemiNqumo, wabuyela ethempeleni wahlangabezwa abaFarisi abangamaqili nangalokho ababenethemba lokuthi uzoba ngumbuzo "odidayo".

"Kepha ababhali nabaFarisi baletha kuye owesifazane ebanjwe ephinga; sebemmise phakathi kwabo, bathi Kuye: Mfundisi, lowesifazane ubanjwe esoqhotsheni lokuphinga. Emthethweni uMose asiyala ngabanje ukuba bakhandwe ngamatshe. Pho wena uthini-na?" (Johane 8:3-5).

Uma kuqhathaniswa nezinye izehlakalo lapho ahlangabezana khona nalezehlakalo zokwehlisa isithunzi, impendulo kaKristu yathi:

"Basho lokhu bemlinga, ukuze babe-nokummangalela. Kepha uJesu wakhothama, waloba ngomunwe emhlabathin, sengathi akezwanga" (Johane 8:6).

Ngokunokwenzeka ngokucasuka, abamangaleli bamcindezela futhi ngemibuzo yabo kwaze kwaba yilapho uKristu ephendula kalula, nokho ngombuzo ohlola umphefumulo ngaphambi kokuba akhothame futhi ukuze aqhubeke nokubhala Kwakhe okungaqondakali.

"Ongenasono phakathi kwenu kaqale aphonse ngetshe" (Johane 8:7). Umphumela wamazwi kaKristu abalahla ngecala futhi akhuza bonke labo ababekhona lapho uJohane ebhala ukuthi "Bathi ukuzwa lokho, belahlwa yizinhliziyo zabo, baphuma ngabanye, beqalela kwabadala kwaze kwaba-ngabokugcina, uJesu wasala yedwa; nowesifazane wayemi khona" (Johane 8:9).

Ekugcineni, uKristu, lapho eqeda ukubhala Kwakhe ngobuciko bamashi esihlabathini, waziphakamisa, futhi akabonanga muntu ngaphandle kowesifazane"wayeselulama, engaboni muntu ngaphandle kowesifazane wathi kuye; Sifazane, baphi labo bamangaleli bakho-na? Akakho okulahlayo-na?" (Johane 8:10).

Ingabe kuyini akubhala-na? Ukuthi singakwazi size sifinyelele ephakadeni ngomusa Wakhe. Kodwa esikwaziyo okulandelayo kufingqa wonke amava ethu.

Ephendula umbuzo Wakhe, “Wayesethi, Akakho, Nkosi. Wathi-ke uJesu kuye: Nami angikulahli; hamba, ungabe usona” (Johane 8:11).
Ngiyakholwa ukuthi kulendaba ingenye yeziningi ezibonisa konke esidinga ukukwazi ngoNkulunkulu noKristu maqondana nokuphila okuphakade (Johane 17:3).

## UKUPHILA OKUPHAKADE

Kusukela ekuweni komuntu, sinethemba eliqhubekela phambili ngesithembiso sokukhululwa kwethu. Inkohliso yenyoka yakhuzwa yilamazwi, “Ngizakubeka ubutha phakathi kwakho nowesifazane, naphakathi kwenzalo yakho nenzalo yakhe. Yona iyakuchoboza ikhanda lakho, wena uyakulimaza isithende sayo” (Genesis 3:15).
“Lenzalo” okukhulunywa ngayo lapha-uKristu, waqhuba lomsebenzi wobufundisi Bakhe emhlabeni futhi kulapha esibona khona uthando oluhlengayo lolo, olungasifanele thina, uNkulunkulu ngokuzithandela wasipha lona.
Ngomqondo oqondile, uluntu lonke lufanekiswa ngowesifazane olahlwayoesifunda ngaye kuJohane 8. Njengoba sibekwa icala ngesono ngomubi wesono, sifanele ukuthola isijeziso saso-ukufa (Roma 6:23), futhi kodwa, uNkulunkulu uyenzile indlela. Kungenxa yokwamukela ulwazi lwecebo Lakhe lensindiso ukuthi ngamunye enze ukhetho lokulamukela asindiswe noma alenqabe ekugcineni alahlwe.
Noma kunjalo, ukwazi intando kaNkulunkulu eZwini Lakhe, akathandi ukuba kubhubhe namunye.
Encenga amaIsrayeli, uNkulunkulu uthi, “Lahlani kini zonke izeqo zenu eneqe ngazo, nizenzele izinhliziyo entsha nomoya omusha, ngokuba uyakufelani wena-nendlu yakwaIsrayeli-na? Ngokuba angenameli ukufa kofayo, isho iNkosi uJehova; ngalokho buyani, niphile” (Hezekeli 18:31, 32).
Wayefuna ukusinika ulwazi ngoNkulunkulu nothando Lwakhe olungapheli ngathi ukuthi uKristu weza kulomhlaba, wafa, wabuye wavuka. Kungenxa yenkonzo yoMoya Ongcwele lapho sihlonyiselwa ukusiholelwa kulolonke iqiniso-ukuze sibe nethuba lokwenza ukhetho lokuphila.
“‘Ukuphila okuphakade yilokhu,’ kusho uKristu, ukuba bazi wena-Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, nomthumileyo uJesu Kristu’ (Johane 17:3). Umprofethi uJeremiya uthi: ‘Ohlakaniphileyo makangazibongi ngokuhlakanipha kwakhe, neqhawe malingazibongi ngobuqhawe balo, nocebileyo makangazibongi ngengcebo yakhe: kepha ozibongayo makazibonge ngalokhu ukuthi uyangiqonda, angazi ukuthi nginguJehova owenza umusa nokwahlulela nokulunga emhlabeni, ngokuba ngiyathokoza ngokunjalo usho uJehova’ (Jeremiya 9:23, 24). Kukancane ukuba ingqondo yomuntu ingakwazi ukuqonda ububanzi nokujula nokuphakama kwenzuzo yesimoya kulowo ozuza lolulwazi.”2
“Ngokusipha Izwi Lakhe, uNkulunkulu usinikeze wonke amaqiniso abalulekile ukuze sisindiswe. Izinkulungwane ziye zakha amanzi kulemithombo yokuphila, kodwa akukho ukuncipha kuyo. Izinkulungwane zithe zabeka iNkosi phambi kwazo, futhi ngokubheka zithe zaguqulwa zaba nomfanekiso ofanayo. Umoya wabo uyavutha phakathi kwabo njengoba bekhuluma ngesimilo Sakhe, bebatshela ukuthi uKristu uyini kubo, nokuthi bayini kuKristu. Kodwa labo abahlolayo abaziqedanga lezihloko ezinhle nezingcwele. Izinkulungwane ezengeziwe zingahlanganyela emsebenzini wokuhlola izimfihlakalo zensindiso. Njengoba ukuphila kukaKristu nesimilo somsebenzi Wakhe kugxilwe phezu kwazo, imisebe yokukhanya izokhazimula ngokusobala kakhulu ngaso sonke isikhathi lapho ezama ukuthola iqiniso. Konke ukuhlola okusha kuzokwembula okunye kuzoveza okuthile okuthakasela kakhulu

okungakembulwa. Isihloko asipheli. Isifundo sokuguqulelwa kukaKristu, umhlatshelo Wakhe wokuhlawulela nomsebenzi wokulamula, uzosebenzisa ingqondo yomfundi ohlakaniphile inqobo nje uma isikhathi sisekhona; futhi ukubheka ezulwini neminyaka yawo engenakubalwa uzobabaza athi, 'Inkulu imfihlakalo yokukhonza uNkulunkulu.'" 3
Siyaphawula ukuthi kufanele siqonde futhi siyazi iNkosi esebenzisa uthando-nbumnene, ukwahlulela nokulunga, kungunaphakade. Ngokwazi lokhu kufanele sifundise ngolwazi lukaNkulunkulu nesilinganiso Sakhe kubantwana bethu. Njengoba siphikisana nokunaka kwalelizwe isikhathi ukufundisa abantwana bethu, kufanele sifune ukuhola kukaNkulunkulu kulamule ngendlela engcwele ukuze siqhube umsebenzi ngokufanele.
**"Fundisa ulwazi lukaNkulunkulu.-**Ukumazi uNkulunkulu kungukuphila okuphakade. Ingabe ufundisa lokhu kubantwana bakho, noma ubafundisa ukuhlangabezana nezinga lomhlaba. Ingabe ulungiselela ikhaya uNkulunkulu akulungisele lona? Fundisa abantwana bakho ngokuphila kukaJesu, ukufa kanye novuko Lwakhe. Bafundiseni ukuba bafunde iBhayibheli....Bafundiseni ukuba bakhe izimilo ezizohlala izinsuku ezingunaphakade. Kufanele sikhuleke ukudlula isikhathi esidlule ukuba uNkulunkulu agcine futhi abusise abantwana bethu." 4

## ISIPHETHO

UDavide wakhumbula ukuthembeka kweNkosi ezizukulwaneni zonke uthi encwadini yamaHubo 100:5, NIV:"Ngokuba muhle uJehova; umusa Wakhe umi phakade, nokuthembeka Kwakhe ezizukulwaneni ngezizukulwane." Futhi njengoba encwadini yokugcina yeBhayibheli, iSambulo siyakhunjuzwa ngokuma phakade kukaNkulunkulu. "Mina ngingowokuqala nowokugcina kusho iNkosi uNkulunkulu "okhona, nowayekhona, nozayo, uSomandla" (Isambulo 1:18). NgoJesu, sinakho ukuzuza ukuphila okuphakade. Ngokuba Wafa, igazi Lakhe lihlanza izono zethu futhi ngalesipho sokumazi Yena singathola ukuphila okuphakade.
"Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa; kodwa isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi yethu" (Roma 6:23).
"Uma ngabe isiliva negolide belanele ukuthenga insindiso yomuntu, ngabe kwabalula ukuba Yena akwenze lokho, kanjalo uthi, "NgeLami isiliva, ngeLami igolie" (Hagayi 2:8). Kuphela igazi eliyigugu leNdodana kaNkulunkulu owonayo angahlengwa ngayo. Icebo lensindiso lamiswa phezu komhlatshelo. Umpostoli uPawule ubhala uthi, 'Ngokuba niyawazi umusa weNkosi yethu uJesu Kristu ukuthi, nakuba ecebile, waba ngompofu ngenxa yenu, ukuze ngobumpofu Bakhe nicebe-nina' (2 Korinte 8:9). UKristu wazinikela ngenxa yethu ukuze asihlenge ebubini bonke. Futhi njengomqhele wesibusiso sensindiso, 'isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi yethu' (Roma 6:23)." 5
"Kuyo iNkosi yaphakade engabhubhiyo, engenakubonwa, uNkulunkulu yedwa, makube-ludumo nenkazimulo kuze kube-phakade naphakade" (1 Thimothi 1:17). Amen.

## *Okuphathelene*


1. *Christ's Object Lessons,* p. 162.
2. *The Acts of the Apostles,* p. 531.
3. *Christ's Object Lessons,* p. 133.
4. *Child Guidance,* p. 494.
5. *The Acts of the Apostles,* p. 519.

## *INKONDLO*

**Asikwazanga**

**Asikwazanga ngendlela okufanele sikwazi ngayo,**
**Noma sifunde ngokuhlakanipha Kwakho, umusa, namandla;**
**Izinto zomhlaba zigcwalise imicabango yethu,**
**Kanye nezinto ezincane zehora elidlulayo,**
**Nkosi, sikhanyisele iqiniso Lakho ukuze silibone,**
**Usihlakaniphise ngolwazi Lwakho.**

**Asikwesabanga njengalokhu bekufanele,**
**Futhi asikhothamanga ngaphansi kweso Lakho elesabekayo,**
**Nesenzo asilondwanga, nezwi, nomcabango,**
**Nokukhumbula ukuthi uNkulunkulu useduze.**
**Nkosi, siphe ukholo lokukwazi eduze,**
**Futhi usinike umusa wokwesaba okungcwele.**

**Asikuthandanga njengoba bekufanele,**
**Futhi asinandaba ukuthi sithandwa Nguwe;**
**Ubukhona Bakho sibufunile kabuhlungu,**
**Ngokungenamandla silangazelele ubuso Bakho ukuba sikubone,**
**Nkosi yipha inhliziyo ehlanzekile nenothando**
**Ukuzwa nokuphatha uthando Oluyilo.**

**Asikukhonzanga njengoba bekufanele,**
**Maye! Imisebenzi ishiywe ingaqedwanga,**
**Umsebenzi owenziwe ngentshiseko encane,**
**Impi ihluliwe, noma inqotshwe kalukhuni!**
**Nkosi, yipha intshiseko, uphe amandla,**
**Ukuze ngiziikhandlele Wena, ukuze ngikuLwele.**

*-Thomas B. Pollack*